# *UMlayezo WoMusa*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Sanibonani ekuseni, bangani. Impela kuyinhlanhla ukuba lapha futhi kulokhu ukusa kulenkonzo yeNkosi. Futhi nje ngixolisa kakhulu ukuthi asinalo elinye ikamelo lokubeka abantu osebandleni elincane. Alithwali kakhulu kakhulu. Kodwa sijabula kakhulu ukuthi nikhona futhi niyathanda ukwenza umnikelo, uku—ukusilinda ngokubekezela. Futhi sizokwenza konke okusemandleni ethu ukunilethela iZwi leNkosi ngendlela enhle kunazo zonke esikwazi ngayo ukuLiletha. Futhi manje nje ngi . . .

2 Lelinenekazi elincane elisanda kungena, futhi belinengane ezobusiswa kulokhu ukusa, futhi lase libona ukuthi bebeshiwa isikhathi, laselithi nje lizolinda. Angizange ngimbone owesifazane ngaphambilini, kodwa ngikhulekela ukuba uNkulunkulu ambusise futhi amnike okwengcebo yakhe yezibusiso zaKhe enhliziyweni yakhe, ngenxa yokubekezela kwakhe ukuba alinde.

3 Manje, sekuza isikhathi sonyaka lapho kuzophola khona futhi kungeke kushise kakhulu lapho siminyene phezulu phakathi endlini yokukhonzela. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa ngokunothile nonke.

4 Manje ngizothanda ukusho nje izinto ezimbalwa lapha nje ngaphambi kokuba ngikhulume. Nginikezile ukuthi bengizokhuluma kulokhu ukusa, uma iNkosi ithanda, esifundweni se *IMimoya EMoyeni OVunguzayo*. Kodwa Ungishintshele sona nje. Angikaze ngazi ukuthi ngizothini kwaze kwaba mhlawumbe nje imizuzu embalwa ngingakezi emhlanganweni. Futhi ngizamile okwesibili manje kulesosifundo, futhi ngehlulekile ukuthola impendulo ebuya kuNkulunkulu. Angazi ukuthi kungani. Njalo ngiyathanda, njengoba nonke nina befundisi lapha nazi, ukuthi umele ulindele eNkosini ngalokho ozokusho.

5 Izolo kusihlwa ocingweni lwangasese, ngibe no—ucingo oluvela kude le ezansi ndawanathizeni eArkansas, abanye abantu bebefuna ukuthuthela lapha ngeviki elizayo, bathi bazwile ukuthi sasizoqala umhlangano e *IziMpawu EziyiSikhombisa*. Ngisanda kwedlula nje *ImiNyaka YeBandla EyiSikhombisa*, ezihambini. Nomyeni wakhe uza ngoMsombuluko ukuzomtholela umsebenzi eLouisville, ukuze asebenze ngenkathi behlezi eduzane ngokwanele ukuzozwa lezo *ZiMpawu EziyiSikhombisa*. Ngathi, "Lokho kungathatha cishe izinyanga ezintathu, nenekazi. Asinandawo lapha ukumemezela khona umhlangano, nokunye nokunye, akukho

okungakunakekela lapha edolobheni, akukho okungahlalisa abantu."

6 Ngingathanda ukuthi ngesinye isikhathi, mhlawumbe, uma uNkulunkulu ethanda, ukuba nalokho phandle emkhankasweni ndawondawo, ngiqalise umhlangano ongaba cishe izinyanga ezintathu futhi ngiqale nje khona ngqo kulezo zimpawu kanjalo, ngaphandle emkhankasweni. Khona-ke abantu bengahlala nje ngqo kukho.

7 Phakathi Lapha, kuqala kusuka esahlukweni se 6 seSambulo, kuye kwese 19. Ngakho-ke uthola izimpawu eziyisikhombisa, izinhlupho eziyisikhombisa, omaye abathathu, owesifazane ohlezi esilweni esibomvu, nabayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane. O, kunokuningi kakhulu kwakho okungenayo ukubophela lokho ngaphambi kokunikezwa kweziMpawu eziyiSikhombisa, kwehle inhlupho yesikhombisa, icilongo lesikhombisa likhale. Futhi kunezingi kakhulu zalezozinto konke okubophela lokho ndawonye, futhi ngakunye kwakho yisifundo esikhulu sosuku ngokwakho.

8 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele izwi lomkhuleko. Singakakhuleki, bangabakhona yini phakathi lapha abangathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko, futhi ningenza naziwe ngokuphakamisa izandla zenu. Futhi enhliziyweni yenu, cabangani kuNkulunkulu nje lokho enikudingayo manje. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzoninika khona.

9 Somandla noNkulunkulu onoMusa, OnguNkulunkulu ophendula imikhuleko, uBaba owazi konke okudingwa ngabantwana baKhe. Wasazi ngaphambi kokuba sizalwe, futhi Waba nezinyathelo zethu zibaliwe, zona kanye izinwele zethu zibaliwe, namazwi ethu onke alinganisiwe esilinganisweni saKho. Ngakho, Nkosi Nkulunkulu, ake kulokhu ukusa sizinakisise lezizinto, lesisifungo esiyisibopho esinaso phambi kwaKho.

10 Eziningi zalezozandla besiphakanyisiwe kulokhu ukusa, lapha kulombuthano omncane, mhlasimbe bekungokomkhuleko wemizimba yabo egulayo, othandiweyo oshonile. Wena uyazazi izinhliziyo zabo nakho konke okungaphakathi kubo. Ngokuba, ngesikhathi Ume lapha emhlabeni, esimeni sesidalwa esingumuntu esibizwa ngoJesu, iNkosi yethu, Wazi yona kanye imfihlo yenhliziyo. Yonke into abantu abebengayicabanga ezingqondweni zabo, Ubungabatshela masinyane lokho abebecabanga ngakho, "Yini ukuba nizindle ngalezizinto ezinje enhliziyweni yenu na?" UJesu wayibona imicabango yabo. Futhi sifunda emBhalweni ukuthi Wena unguye izolo, namuhla, naphakade. Kulotshiwe futhi ukuthi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiyakuba khona phakathi kwabo." Ngakho

Ulapha kulokhu ukusa, esimeni sikaMoya oNgcwele, futhi wazi sonke isifiso esisenhliziyweni yabantu.

11 Ngikhuleka kuWe, Baba uNkulunkulu, ukuthi Uzobaphendula bese uthi, "Kufeziwe. Isicelo sakho sesiphenduliwe, futhi Ngi—Ngikuthumelela isiqiniseko namhlanje ukuthi konke lokhu okucelile sewunikezwe khona."

12 Nkulunkulu, sikhumbula ikakhulu labo abangasindisiwe, abaphakamise isandla sabo. Makuthi leli kube yihora ukuthi bazokwemukela uKristu njengoMsindisi wabo.

13 Ngaphambi kokuba umhlangano uvale namhlanje, makube khona okwenzekayo, Nkosi, obekuzoletha uBukhona baKho busondele kakhulu kubantu ukuze bazi ukuthi lowo nguJesu ofanayo owahamba eGalile umi phakathi kwabantu baKhe, bangahle bahambe besuka lapha namhlanje nesiqiniseko esifana nesalabo ababevela e-Emawusi ngaleso sikhathi. Ngenkathi besendleleni yabo ebuyela emuva, emva kokuhamba naYe usuku lonke, bekhuluma naYe, naYe ekhuluma nabo, kanti futhi babenomqondo omncane ukuthi kwakunguYe.

14 O Nkulunkulu, izikhathi eziningi kakhulu sikanjalo. Ukhuluma kithi ngokushona kwelanga, ekuculeni kwezinyoni, ekuhashazeni kwamacembe, ekuqhakazeni kwezimbali, emahubweni ebandla, futhi sikuqonda kancane kakhulu ukuthi nguWe. Emagumbini abagulayo esibhedlela, ezinye izindawo eziningi, Ukhuluma nathi futhi siqonda kancane kakhulu ukuthi nguWe.

15 Manje, Nkosi, sisabuyela emakhaya ethu kulokhu ukusa, kwangathi thina, njengoba benza, siqonde, kwangathi Ungenza okuthize namuhla phakathi kwethu njengoba Wenza emuva lapho. Bazi into Owayenza lapho phambi kwabo. Wakwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, futhi bazi ukuthi leyo kwakuyiNkosi evukileyo. Babuyela emaqenjini abo, bethokoza futhi bedumisa uNkulunkulu, ngoba bazi ukuthi Wayephila. Futhi bathi, "Ngabe izinhliziyo zethu bezingavuthi kithi lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?" Nkosi, ukubonakala kwaKho lapho futhi wenza okuthile njengoba Wakwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, wafakazisa ukuvuka kwaKho, ukuthi WawunguJesu ofanayo, owababangela ukuba bakhumbule zonke izingxoxiswano zabo naWe. Ukhulume nathi iviki lonke, Nkosi. Manje vela phakathi kwethu futhi Uzazise enhliziyweni ngayinye edingayo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Amen.

16 [Udade uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umfowethu unikeza incazo—Umhl.]

17 Manje ibandla lizokhuleka. [UMfowethu Branham nebandla bakhuleka kanye kanye—Umhl.]: Baba wethu OseZulwini, malingcweliswe iGama laKho. UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe emhlabeni, njengaseZulwini. Siphe

namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengoba nathi sibathethelela abasonayo. Futhi ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba uMbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

18 Ukube ipeni lami belingaba yithuluzi lomqophi bese kuthike iphepha lami libe yitshe eliqinile, nalamaGama engiwashoyo manje, efanele aqoshwe phezu kwalokhu ukuze Aye kubo bonke abantu.

19 UMoya oNgcwele kaNkulunkulu unezindlela ezingajwayelekile zokusebenzana nabantu baKhe. Izikhathi eziningi ngezimangaliso nangeziphiwo nokubizwa, okungaphandle kokuphenduka, lokho uNkulunkulu akunikezela kubantu baKhe ngomusa waKhe.

20 Ngisekhaya manje, kuthi ukuba yiholidi elincane. Ngivame ukuthatha lesisikhathi ekhaya, ukuba kuhambisane kulesisikhathi sonyaka, ngoba ngiyakuthanda ukuziphumulela uma ngiya kozingela izingwejeje. Futhi bengisezansi eKentucky nabangani bami kuleviki, ngizingela izingwejeje, okuyindawana yami engiyithandayo. Ngandlela thize ngaqedwa umdlandla, hhayi ncamashi ngoba angizitholanga zingwejeje, kodwa nje ngazizwela ngiqedwa umdlandla. Okuthile kwakungitshela ukuthi ngimele ngibuyele ekhaya. Futhi ngalala emotweni sengibuya.

21 Ngonyaka odlule, njengoba nonke nazi, okusembhalweni nasebufakazini nasemateyipini. Ngangihlezi endaweni lapha eIndiana lapho iNkosi uNkulunkulu yehla futhi yakhuluma nami, ukuthi, inkonzo yami yesibili, eyayisilungele ukuba yenzeke esikhathini esiseduze esizayo. Futhi kwakhulunywa kwavela izingwejeje ezintathu. Nonke niyayazi indaba, ngiqinisekile. Ngandlela thize, ngenyuka ngomgwaqo nga . . . ngisakhulula bonke abanye abafana bahambe, ngiya kozingela, nga—ngaba nokuzizwela okungejwayelekile ukuba ngiye kulendawo futhi. Kwakungaphambi kokusa, lina, futhi ngangingazi ngisho noma babezozingela noma qha, kodwa ukuthi ngangizofika ngale ensimini lapho. *Ukuzingela* kusho ukuthi "ukuzithola uwedwa ngokwakho, ukuzokhuleka." Futhi ngamisa imoto futhi ngehla ngase ngiyahamba ngiwela umgwaqo futhi ngangena ehlathini, futhi nje ngaphambi kokuba kuphume ilanga, kusempondo zankomo, kuntwela.

22 Ngangimile futhi ngasho izwi elincane lomkhuleko, njengenjwayelo, futhi ngitshela uBaba, ukuthi, "Lokho nje ebengikudinga, ukuba angiphe khona." Angikholelwa ekumosheni noma yini, noma ukubhubhisa; angikaze ngidubule inyoni empilweni yami ngiyenze isichuse sokuziqeqesha, noma ngabe yini enye. Engikuzingelayo, ngiyakudla, noma ngikuphe

omunye okudlayo. Angikholelwa ekumosheni noma ngabe yini. Angikholelwa ekwenzeni lezo zinto, ngoba akulungile.

23 Ngakho ngisajika futhi ngaqala ukuhambahamba ngendledlana yezinyawo ejwayelekile ngasohlangothini lwedlelo ewelela ekwakhekeni kuka-L emahlathini, nokuthile okungavamile kwenzeka. Ukwazi kwami konke, angikaze ngibe nanoma yini enjalo. Ngabuka esiqongweni segquma esinxeleni sami lapho engangimi khona, futhi lapho, kukhuphuka kuvela okunjengesiqongo segquma, kwavela uthingo lwenkosazana oluthathu. Futhi ayehamba amafidi angamashumi amathathu ukuphakama. Okokuqala, ngabuka futhi ngabona ukuKhanya ngase ngiguqukela emuva nje, ngoba ngacabanga ukuthi kungahle kube ukuphakama kwelanga. Phezu komcabango wesibili, kwakungekho ngaselangeni, kwakungaseningizimu. Neny'into, kwakubushelelezi, kunamafu, lina, lina yonk'indawo. Lapho kwakunguAgasti zingamashumi amabili nanhlanu, ngoLwesihlanu olwedlule ekuseni, futhi niyazi belina kanjani. Futhi kunamafu abushelelezi yonk'indawo.

24 Futhi ngaphinde ngabuka. Futhi nakho-ke lapho kwakukhona, kukhula kuya ngokuba kude futhi kube kude, uthingo lwenkosazana oluthathu. Ngakhumula isigqoko sami. Ngabeka isibhamu sami phansi. Ngaqala ngihamba ngibheka ngakulo nezandla zami ziphakeme. Into ethize nje yathi ukungitshela ukuthi, "Lokhu kuseduzane ngokwenele." Ngangizohlala phansi futhi ngikhumule emabhuzu ami ebengiwagqokile, ukuba ngibone ukuthi bengingahamba ngisondele kancane. Kodwa ngafinyelela ngaphakathi kwamayadi ambalwa alo ngase ngibona umbala walo, uhwalala njengenkungu ihamba izungeza. Ngama nganganyakaza isikhashanyana. Kwakuphuma ngqo esiqongweni sentatshana. Futhi ngabukela, lapho oluthathu (olunye ngakwesokudla, olunye ngakwesokunxele, bese olunye phakathi nendawo) egijima ehlela kokufana nendishi eyodwa. Noma ngabe kwakuyini, kwakuphila, Lalihambahamba futhi lenza ukushukuma kwaLo. Futhi ngama lapho nje kusenza sakubampunga, kuntwela.

25 Ngaphenduka ngaphinde ngabuka futhi, ngase ngimemeza kakhulu, "O Nkulunkulu, yini Obungayazisa inceku yaKho na?"

26 Khona lapho-ke uMoya weNkosi wangena wawusuthi, "UJesu weTestamente eLisha unguJehova weliDala, Washintsha kuphela isifihla-buso saKhe esuka eMoyeni eba nguMuntu." Lokho kwakufakazisa, kusobala, uMlayezo wami ngaYe. Ukungazisa, kwaqinisekisa ukuthi leminyaka engamashumi amathathu nanye ibingesilo ize.

27 Lapho sengiqalile ukusondela, Laqala ukuhamba, futhi lwehlela kulesisiga esisandishi, lase-ke liyanyamalala.

Ngenyuka ngasondela. Ngangesaba ukusondela eduzane, ngoba Wayengimisile ngaphambi kokuba ngifike lapho.

28 Ngaphenduka ngase ngiyaqaphela ukuthi lokho kuKhanya, indlela Okwakungikhanyela ngayo, kwakufana ncamashi njengesihlahla engangihlezi kuso ngonyaka odlule, lapho izingwejeje zavela khona. Imizuzu ethi ayibe ngamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane kamuva, ngehlela ezansi emahlathini nangale ezansi kwemifudlana nokunye nokunye, ngaze ngafika kulesisihlahla esehlukana amagumbi amane (impumalanga, inyakatho, intshonalanga, neningizimu), amagatsha amane esihlahla, ephumela ngaphandle. Ngase ngikhwela kuleligatsha, futhi ngahlala phansi lapho engangikhona lapho Angitshela khona ngalowomBhalo, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka.'" Futhi ngisami lapho kancanyana, ngingakacabangi nokho ngothingo lwenkosazana, kwasekusukile emqondweni wami. Ngama lapho. Futhi lona bekungunyaka omubi kakhu wokuzingela izingwejeje, yonke into ishiywe isikhathi, akukho zingwejeje.

29 Ngacabanga, "Khona lapha yilapho uNkulunkulu anginikeza lezo zingwejeje ngonyaka odlule, ukuzikhuluma zibekhona." Ngakhumula isigqoko sami futhi, ngase ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, UsenguJesu ofanayo. UsenguNkulunkulu."

30 Futhi Into ethize yathi kimi, "Zingaki ozidingayo nanhlanje na?"

31 Ngathi, "Njengoba nje ngenza ngesinye isikhathi, umkhawulo." Futhi-ke ngathi, "Ngizoba nalomkhawulo ngaphambi kwehora leshumi nqo namuhla." Futhi ngokungavamile nje njengoba kubukeka, khona lapho nje ngangisendaweni embi enemiyane kakhulu, eyayihlaselwe imiyane, nohlobo lwendawo eyixhaphozi, kwase kuphuma nomyane omkhulu weza ukuzongiluma khona impela ngasehlweni, ngase ngithi, "Akukho namunye ozongikhathaza namhlanje," akukho kuwuphebeza noma ngabe yini ngami. Futhi, ngingazelele, ngathi, "Ilanga lizokhanya emizuzwini engamashumi amathathu."

32 Futhi ngingakaqedi nokusho lokho kwaze kwaba, nje emva kwami, ingwejeje efana ncamashi naleyo ngonyaka odlule, incane, ibomvu, yagxuma yasuka egatsheni cishe amayadi angamashumi ayisikhombisa ukuqhela yase iqala ukukhala. Ngaphenduka. Kulawo mabanga amade, ngangingakwazi nhlobo, ngalesosikophu esinamandla, ukuba ngibone iso layo. Ngadubula nje, kwaba ukuphela, angizange ngikale nokukala, hhayi nokungenhla kwengwejeje. Nenhlamvu yavele yashaya nje ncamashi ehlweni lapho yayikhona khona ngesinye isikhathi.

33 Ngasho ngishona khona ngedlula emahlathini. Futhi ncamashi imizuzu emithathu yehora leshumi ngqo, ngadubula ingwejeje yami yesithathu, njengalokhu kwakunjalo ngonyaka

odlule, ngokufanayo ncamashi nje. Imizuzu emithathu lingakashayi ihora leshumi. UNkulunkulu, eyiJaji lami elinesizotha, akukho namunye umyane ngisho owakhala ukusu lonke, khona lapho kunamathani ayo, ngiyacabanga, uma yayingakalwa. Futhi angikaze ngisho ngibone noma ngezwa owodwa. Ngangiyilalele, ukubona ukuthi ngingakwazi yini. Ngase ngizwa ukuhhihhizela, ngacabanga, "Kukhona owodwa ndawana thize," ngase ngiyalalela futhi kwakuyiloli, emuva le emgwaqeni onguthela wayeka. Futhi ncamashi emizuzwini engamashumi amathathu kusukela ngalesosikhathi, ilanga lakhanya kahle futhi lakhanya kakhulu.

34 Ngase ngibuyela endaweni. Futhi ngangikade ngicabanga, ngenkathi ngithe "umkhawulo," lokho kwakusho ukuthi *izingwejeje ezinhlanu*, okuyisibalo esibekiwe e-Indiana. Kodwa ngiyakhumbula ngonyaka odlule, ngenkathi Engibuze ukuthi zingaki engangizinembile kahle, ngathi, "zintathu," futhi ngathola nje ezintathu. Ngakho izolo ngibuyele emuva, bengiya endaweni efanayo futhi, kwase kuba khona Into ethi, "Ungayi. Wela umgwaqo."

35 Futhi ncamashi ngehora leshumi nqo, ncamashi, ihora leshumi nqo ewashini lami, ngadubula isibalo esibekiwe sase-Indiana, ingwejeje yesihlanu. Ngifuna ninake lapho kwakunguthingo lwenkosazana oluthathu, futhi kwakunezinto ezintathu ezashiwo, izingwejeje ezintathu ezitholakele. Kwakunezinto ezintathu: izingwejeje ezintathu ngehora leshumi nqo, kungekho miyane, ilanga lizobe likhanya emizuzwini engamashumi amathathu. Futhi babebathathu ukunikeza ubufakazi ngakho: Umfowethu Banks Wood, indodana yami uBilly Paul, nendodana yakhe uDavid, ukunika ubufakazi kukho.

36 Uma ngibona lawomathingo enkosazana, acishe abe banzi evundle ngengalokho kukhanya, leyoNgelosi yeNkosi, kodwa kwakunamathathu awo egijimela kweliLodwa. O, kwayisiza kanjani inhliziyo yami, ukwazi ukuthi uNkulunkulu, uJesu akasiye nje umuntu njengoba abantu becabanga ukuthi Unguye, umprofethi nje, njengalomqondo wesimanje namhlanje ocabanga ukuthi uJesu ngumprofethi nje, UnguJehova weTestamente eliDala owenziwa waba yinyama futhi wahlala phakathi kwethu. Futhi, lapho, lokho impela kwangiduduza. Ngakho-ke, ngicabanga ngaleyondaba, ukuthi uNkulunkulu wafuna abantu abaningi.

37 Manje, kuneqembu labantu, abazibiza "Ngokamunye" noma ngo "Jesu Yedwa." Angivumelani nabo ekucabangeni kwabo. Kanjalo futhi angivumelani—angivumelani naleloqembu likamthathu emunye elithi kunoNkulunkulu abathathu abehlukene, okwedlulele kukamthathu emunye. Kodwa ngikholwa ukuthi okuthathu, uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele, Munye, ukuthi kunezikhundla ezintathu

zikaNkulunkulu oyedwa. Waphila ebuBabeni, eNsikeni yoMlilo; Waphila ebuDodaneni, kuJesu Kristu; futhi Uphila manje kuMoya oNgcwele, eBandleni laKhe. INkosi uJesu efanayo eyenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu, unathi namhlanje, phakathi kwethu, esimeni sikaMoya oNgcwele.

38 Kuzo zonke izehlakalo! Ngenkathi ngiphenduka okokuqala futhi ngaKubona, ngicabanga okokuqala ukuthi Kungaba yilanga elilunguze e—efini ndawana thize, kodwa kwakungaphambi kwesikhathi sokuba khona kwelanga. Ngenkathi-ke sengijikela emuva futhi, futhi ngabona ukuthi kwakungesikhho ukukhanya, kwakungamathingo enkosazana. Kwase kuthi-ke lapho ngibukile futhi ngabona lokho, ngaba ndikindiki yonke indawo.

39 Nje omunye wathi kimi, "Awuzizwelanga sengathi ungamemeza na?" Qhabo, angizizwelanga sengathi ngingamemeza. Lezo zehlakalo azikwenzi neze uzwe sengathi ungamemeza, zikwenza nje uzizwele ungobambelelisa okwehange, lapho nje wazi ukuthi uyazi ukuthi kunento ethize ekutshelayo, umuzwa nje wokweneliseka.

40 Manje, lezozinto ziyiqiniso. Ngiyazi sinezinto ezishiwo, ukuthi izikhathi eziningi abanye abantu bathi, "O, angikholelwa entweni enjengaleyo." Ngingeke ngakufakazela lokho, angazi. Ngingafakazela kuphela lokho engikwaziyo ukuthi kuliqiniso. Futhi uNkulunkulu uSomandla, Owaloba leliBhayibheli, futhi ngiyinceku yaKhe, Uyakwazi lokho ukuthi kuliqiniso.

41 Kucabange, ukuthi usuku esiphila kulo, ngaphambi nje kokubuya kweNkosi, uJesu wathi, "Kuyoba nezibonakaliso ezibhakabhakeni nasemhlabeni, izibonakaliso ezinkulu, amasoso andizayo, amamizayili, isikhathi esingaqondakali, usizi phakathi kwezizwe, nezibonakaliso ezesabekayo phezu komhlaba." Futhi siphila kulolosuku, ukubona lezozinto.

42 Manje, ngoMlayezo kulokhu ukusa engiwukhethile, ngifuna nivule kanye nami emiBhalweni, ngale kuZakariya. Kwakungokwami . . . UZakariya, i—isahluko se 4.

43 Kwakuyisifiso sami ukuba nginitshele lezizinto. Izikhathi eziningi izinto ziyenzeka ukuthi angi—angikukhulumi, angikusho. Kodwa lokhu kwakumangalisa kakhulu kimi ukuba ngikugodlele ibandla. Kumele kushiwo! Futhi, ngaphambi kukaNkulunkulu engiMmele, kuliqiniso. Ngiyazi ukuthi kunoNkulunkulu, futhi ngiyazi ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, uImanuweli, ohlala phakathi kwabantu baKhe namhlanje esimeni sikaMoya oNgcwele. Futhi ngiyazi ukuthi ukuFika kweNkosi kuyasondela, lapho izibonakaliso nezimangaliso zivela.

44 Sisanda kwedlula nje emiNyakeni yeBandla eyiSikhombisa, futhi sifunda ukuthi sisekugcineni noNyaka weBandla laseLawodikeya, lapho ibandla lingeke libe nandaba,

libande, lihlele, futhi lihleleke; izinhlangano zizolibusa, zilidle nya. Kodwa isethembiso ukuthi kuyobakhona insali encane esalayo. Kuyobakhona iBandla eliyohlakazeka ngapheseya yonk'indawo, kodwa uNkulunkulu uzoLibuthela ndawonye futhi aLihlwithele eNkazimulweni; iqembu elincane elingcwelisiwe ndawo ndawo, elilindele eNkosini.

45 Ngakho-ke ngolunye usuku ngenkathi ngithola *AmaSonto Angamashumi ayiSikhombisa kaDanyela*, ngimi khona lapha epulpiti, Into ethize yangishaya, angikaze ngikwazi ukuyibalekela. Ukubona ihora esiphila kulo! Ngifuna ukuya ndawo ndawo futhi ngenze eny'into ethize, ngikukhiphe emqondweni wami. Nginabaningi abathandekayo abangasindisiwe. Ngazi, ukuthi yini engingayenza ukuze ngibathole basindiswe na? Yini elapho engingayenza na? Ngilishumayelile iVangeli. UNkulunkulu wenze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso ngokungathi Akakaze azenze kusukela kwaqala umhlaba, kusukela ezinsukwini zeNkosi uJesu, Angakaze akwenze kuwo wonke umlando wesikhathi. Futhi sekuhambe umhlaba jikelele. Futhi namanje umhlaba uyaqhubeka ubamubi ngokuba mubi. Kodwa-ke ngifanele ngikhumbule ukuthi siphila oNyakeni weBandla laseLawodikeya, lapho bazoya ngokuba babi kakhulu, futhi Lathi bayoba njalo.

46 Ngakho ngikhethe kulokhu ukusa, ngenxa yokuthi lowoMlayezo wahlaselwa kakhulu, enye into engilandelelwa yona kakhulu, nguku, shumayela umusa. Ngifuna ukukhuluma ngalokho kulokhu ukusa ngisafunda isahluko se 4 sikaZakariya, ingxenye yaso.

> *Ingelosi eyayikhuluma nami yabuya, ya*ngivusa, *njengomuntu evuswa e . . . buthongweni bakhe,*
>
> Ya*thi kimi, Ubonani na? Ngathi, ngibona, bheka uthi lwezibani luyigolide lonke, lunembizana yalo phezu kwalo, nezibani zalo ezisiyikhombisa zikulo, kukhona imibhobho eyisikhombisa kuleso nalesosibani, esiphezu kwalo:*
>
> *Neminqumo emibili eseceleni kwalo, omunye ungakwesokunene sembizana, nomunye ungakwesokhohlo sayo.*
>
> *Ngathatha ngasho kuyo ingelosi eyayikhuluma nami, ngithi, Ziyini lezi, nkosi yami?*
>
> Ne*ngelosi eyayikhuluma nami yaphendula yathi kimi, Awazi yini ukuthi ziyini lezi na? Ngathi, Qha, Nkosi.*
>
> *Yayisithatha isho kimi, ithi, Lokhu kuyizwi leNkosi kaZerubabele, lithi, Kungabi ngempi, kungabi ngamandla, kepha kube-ngomoya wami kuphela, usho iNkosi yamabandla.*

47 Niyabo? UMlayezo ungeke uze ngempi ethize enkulu noma amandla, kodwa ngoMoya kaNkulunkulu! Ivesi lokugcina, ivesi le 7.

> *Ungubani wena, O ntaba enkulu? phambi kukaZerubabele uyakuba-yithafa: uyakukhokhipha itshe-eliyinhloko ngo*kumemeza, *nokukhala ukuthi, Umusa, umusa mawube kulo. Umusa, umusa mawube kulo.*

48 Siwejwayele sonke lomBhalo, lowo ofunda iBhayibheli. Siyazi ukuthi lokhu kwakungesikhathi sokulungiselela ukubuyiselwa kwethempeli. NoZerubabele wayeyindodana yenkosi enkulu phakathi kwabantu, owayebeke isisekelo sesakhiwo. Manje, nina, ngifuna nibeke ukucabanga kwenu kukamoya, ijakhethe yogcobo, kulokhu ukusa, sisacabanga. Nalendodana yenkosi enkulu yayinqumile ngokwakha kabusha indlu yeNkosi. Futhi-ke, lapho isikwenzile, yayibeke itshe lesisekelo.

49 Futhi sisaqhubeka nokufunda, sithola ukuthi uNkulunkulu wathi, "UZerubabele ubeke isisekelo ngezandla zakhe, uyophinde futhi alethe itshe-eliyinhloko." Ngifuna niqaphele, Akazange athi uyoveza "Itshe-legumbi." Uyoveza "itshe-eliyinhloko."

50 Futhi siyazi ukuthi umBhalo uyasho ukuthi uJesu uYitshe-legumbi eliKhulu, futhi Uphinde abe Yitshe-eliyinhloko. Manje uma sizocabanga imizuzu emibalwa, ukuthi, isithunywa sebandla lesikhombisa sasizo "buyisela uKholo lwabantwana lubuyele koyise." Ngamanye amazwi, kwakhiwa kabusha iBandla futhi ngaphansi kwaMandla kaMoya. "Hhayi ngamandla, hhayi ngempi, kodwa ngoMoya waMi," kusho iNkosi. Hhayi ngenhlangano, hhayi ngehlelo, kodwa ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu uzoletha iBandla ngosuku lokugcina.

51 UZerubabele, indodana yenkosi noJoshuwa, kwakunguye owayezoletha lelitshe-eliyinhloko. Wayebeke isisekelo, wayethathe abantu wababuyisela esisekelweni, ekufanekiseni.

52 Okungukuthi, sonke siyazi ukuthi lezizinti zezibani nokunye nokunye kwakumelele kokubili iJuda nebandla. Babe "ngamagatsha omnqumo," iBhayibheli lasho lapha. Futhi igatsha lomnqumo, singamagatsha asendle elafakelwa empandeni yesihlahla seminqumo esafuywayo; abeZizwe! Futhi kulamagatsha amabili kuphuma amapayipi esigujini sokushisa impepho, aye ezintini zezibani zegolide eziyisikhombisa, ukunikeza ukuKhanya emiNyakeni yeBandla eyiSikhombisa.

53 Manje khumbulani, ekufundiseni kwethu ezifundweni esedlule kuzo, ukuthi sathatha isivivane esikhulu futhi satadisha lokho isikhashana, uEnoke okufanele ukuthi wasakha. Futhi itshe-eliyinhloko alikaze libekwe esivivaneni. Ngiyile lapho. Umdwebo waso akukaze kufakelwe lutho esikhundleni sawo

kuze kube namhlanje. Asinamishini engakha isivivane, akukho mandla (ngaphandle kwamandla e-atomu) abengakha isivivane, ngoba sikhulu kakhulu. Amatshe abengaba yisikali samathani namathani namathani, emi phezulu le emoyeni, kubekwe kahle ndawonye kakhulu kangangoba ngisho ukukhali bereyiza encane ibingeke. . . Futhi awasimendelwe, asikiwe kuphela nje ukuze ajoyinane elinye nelinye.

54 Yileyondlela uMzimba kaJesu Kristu omele ube yikho, usikwe kahle kakhulu ngoMoya oNgcwele, ngeThuluzi elikhulu likaNkulunkulu neThuluzi, ukuthi singahlanganiswa sibe nguMuntu munye. Asehlukasiwe phakathi. Sifanele sibe nguMuntu munye! Futhi kuyakhombisa ukuthi akukho mshini ongenza lokho ngaleyondlela. Kuthatha uNkulunkulu ukwenza lokho. Akukho zakhi-mshini zenhlangano, akukho madlangala, akukho nokukodwa kwalezizinto okungake kukwenze, ezinhle njengalokhu izinhloso zabo zinjalo. Abasoze bakwenza, ngoba lokho kubiza uNkulunkulu ukwenza lokhu, uMoya oNgcwele.

55 Angicabangi ukuthi nginedola eliyiphepha ephaketheni lami. Kodwa kune. . . Yebo, nginalo, nginedola eliyiphepha. Ngiyaxolisa. Ngemuva kwalelidola eliyiphepha nizobona uphawu lwe-United States ngasohlangothini lwangakwesokunxele, olubuke ngakini. Ngakimi, lizoba ngasohlangothini lwangakwesokunxele; senu, kunjalo. Lukhozi. Kanti futhi phakathi lapho isihlangu nokunye nokunye. Kodwa ku*lolu*hlangothi lapha, uhlangothi lwesokudla, kimi, nibona isivivane. Futhi niyaqaphela, ngenhla kwesivivane kunetshe-eliyinhloko, futhi ngaphansi lapho kuthi, "UPhawu oLukhulu." Ngisho nasemalini yethu yezwe, lokho kumele sikubone. Akukho mhedeni ongashabalalisa ubuKristu. Lonke uhlamvu lwegama olunika usuku, lisho usuku lokuzalwa kweNkosi yethu. Yonke ikhalenda, yonke into ikhuluma ngaYe. Futhi ngisho nasemalini yethu yezwe, Itshe-eliyinhloko, okunguKristu! Abalibekanga ngani itshe-eliyinhloko esivivaneni na? Ngoba Itshe-eliyinhloko lenqatshwa ngenkathi Lifika.

56 Kodwa manje, ngokwesiprofetho, lizofika Itshe-eliyinhloko. Futhi ngifuna niqaphele lokho, uma Itshe-eliyinhloko lifika, indodana yenkosi ezokhala imemezele uMlayezo izokhala "Umusa! Umusa!" Ngokuba kungomusa ukuthi sisindisiwe, lokho akusikho okwemisebenzi, akekho umuntu ongazishaya isifuba. Futhi uMlayezo womusa ugxotshwe wanyathelwa ngaphansi kwezinyawo zabantu waze waba yihlazo. Abanye babo bagijimela ngaphandle ekuphepheni kwaPhakade, abanye bagijimela ngaphandle kuyo yonke into. Kodwa, uMlayezo womusa weqiniso usalokhu ufana, futhi yilapho uSathane ezama ukuwushaya awukhiphele ngaphandle kweBandla. Kodwa kungumusa kaNkulunkulu esisindiswa ngawo sonke.

57 Ngakho ebuNkulunkulwini bukaJesu Kristu, ukube iNkosi uNkulunkulu yayingafika lapho futhi iqinisekise ukuthi lokho

kuliQiniso, kungesikho lokho kuphela, kodwa ngeZwi laKhe Uyakuqinisekisa ukuthi kuliQiniso, futhi ngezibonakaliso nezimangaliso Uqinisekisa ukuthi yiQiniso, bese-ke, futhi, umusa uliQiniso. Manje-ke kungani omunye wayengagxeka futhi asho ukuthi umusa uliphutha, ukuthi "sisindiswe ngemisebenzi"? Sisindiswa ngomusa, ukuthi ngokukholwa, hhayi ngemisebenzi. Imisebenzi ikhomba ukuthi usindisiwe. Kodwa lokho okukusindisayo ngumusa kaNkulunkulu. Umusa uyakusindisa. Umusa yilokhu uNkulunkulu akwenzela khona. Imisebenzi yilokho okwenzela uNkulunkulu, ukukhombisa ukuthakasela lokho uNkulunkulu akwenzele khona. Kodwa usindisiwe ngomusa!

58 Abanye abantu ucabanga ukuthi, "Ngoba ngiya ngijoyine ibandla, ngifake igama lami encwadini, yilokho kuphela engimele ngikwenze." Abanye abantu ucabanga ukuthi, "Ngoba ngiyamemeza, yilokho kuphela okumele ngikwenze." Abanye bacabanga ukuthi, "Ngoba ngikhuluma ngezilimi, yilokho kuphela engimele ngikwenze." Abanye ucabanga ukuthi, "Ngoba nginamandla okuphilisa abagulayo, yilokho kuphela engimele ngikwenze." Akusikho! Kungumusa kaNkulunkulu okusindisayo, umusa kaNkulunkulu omangalisayo. Angeke ngethembele ebuhleni obuthize. Abanye bathi, "Awu, kunomuntu omkhulu. Lowo muntu, ngimzwile esukuma futhi enza *lokhu*, ngimzwile esukuma futhi enza *lokho*."

59 UPawulu wathi, kwabaseKorinte bokuQala 13, "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, noma nginokwahlukanisa imicabango, noma ngineziphiwo, ukondla, ngizothatha zonke izimpahla zami ukuba ngondle abampofu, noma ngingangqukula izintaba ngokukholwa, noma ngingaba nolwazi lokuqonda zonke izinto, angiyilutho kuze kungene uthando, okungumusa." UNkulunkulu umele akwenze. Ungazenza zonke lezizinto futhi usalokhu ulahlekile. Ngumusa okusindisayo, umusa kaNkulunkulu esizweni sabantu.

60 Ukucabanga ngaYe! Bengicabanga ngalowomusa masinyane emva kwalokho okwavela ngoLwesihlanu ekuseni, nje ekuqaleni kokusa, phezulu lapho kuleyonsimu ngahlala ogodweni, kamuva, futhi izinyembezi zehlela phansi emehlweni ami. "O, Nkulunkulu, umusa waKho wehlele phansi ukuzongisindisa. Kungani Ube nozwelo kangaka kompofu, esihluphekini esingafundile njengami na? Uke wehla kanjani phansi etabernakele lethu elincane elithobekile, lapho ukuthula, nabantu bezinga eliphansi lempilo, abampofu, bengenalutho kulomhlaba, futhi selokhu umusa waKho usakazwe yonk'indawo phakathi ezinhliziyweni zethu, ngoMoya oNgcwele, ukuthi Welapha ukugula kwethu uphinde usindise izono zethu, usisindise ezonweni zethu, njalo, futhi usenze abantu baKho, usebenzane nathi na?"

61 Ngase-ke ngicabanga ngoDavide, ukuthi kanjani nje ngenkathi athatha umcabango wokwakhela iNkosi indlu, wathi, "Akukuhle kimi ukuba ngihlale endlini yomsedari, noMphongolo wesivumelwano kaNkulunkulu wami ungaphansi kwezikhumba zezimvu netabernakele."

62 UNkulunkulu watshela umprofethi, "Hamba uyotshela inceku yaMi, uDavide, Ngamthatha esibayeni sezimvu, ekondleni lezo zimvu ezimbalwa ngaphandle lapho zikayise, futhi 'ngakwenza waba negama elikhulu njengamadoda amakhulu emhlabeni.'"

63 Ngacabanga ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi Wayengakwenza kanjani lokho, asindise ngokusekugcineni! Bese-ke ethatha isihlupheki esimpofu njengami, futhi angiphe ithuba lokushumayela iVangeli futhi ngibone abanye besindiswa, ngibabone bephiliswa; ngibone imizi ebeyehlukene, iqondiswa futhi; ngibone izimpilo ebezonakele, zilungiswa futhi. Futhi angiphe umusa! Ngacabanga, "O, ngumusa omangalisayo!" Wase uza kowehliswe kakhulu, ophansi umzingeli wezingwejeje ngaphandle emahlathini, futhi wazakha Yena uqobo esimeni *sothingo lwenkosazana*, okusho "isivumelwano," ngoMlayezo Angipha ukuba ngiwushumayele, futhi wawenza lapho ngesivumelwano, ukuthi Usemva kwaWo! Futhi Uzoba semuva kwaWo, ngoba uMlayezo ungokaJesu Kristu nenkazimulo yaKhe.

64 Ungivumele kanjani ngihambe emhlabeni jikelele, ngijikeleze umhlaba, ezizweni, ezigidini zabantu, ngibone izigidi ziza eNkosini futhi zemukela Yena njengoMsindisi ongowabo, ngibabone begcwaliswa ngobuhle baKhe futhi bengcweliswa ngamandla aKhe, ngibabone bephiliswa ngamandla aKhe asezindaweni zonke amakhulu. Bese-ke ngikhale njengomprofethi, futhi ngathi, "Akusikho ngamandla, noma ngempi, kepha ngoMoya kaNkulunkulu." Akusikho ngemfundo, akusikho ngesayense yezenkolo, kodwa ngoMoya kaNkulunkulu Usindisa abantu. NgoMoya kaNkulunkulu Uphilisa abantu. NguMoya kaNkulunkulu onikeza uMlayezo kubantu. NguMoya kaNkulunkulu oqinisekisa iZwi.

65 Sinosiyazi bezenkolo namuhla, sinoDokotela bezobuNkulunkulu, sinamadoda amakhulu wonke umhlaba, akhaliphile, ahlakaniphile futhi afundile. Kodwa kuthatha ubulula bokukholwa uNkulunkulu, ukwenza iZwi laKhe likhulume, ukukhombisa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Kubiza inhliziyo ethobekile enikelwe kuNkulunkulu, ukuletha uJesu Kristu enkathini yamanje. Amen! Ukube kuthathe isayensi yezenkolo, ngabe amaPresbyterian, amaMethodisti, amaBaptisti, amaKatolika, nabanye kanjalo; besingeke sibenethuba, thina abantu abampofu abangafundile. Kodwa akuthathi ulwazi. "Akusikho ngamandla noma ngempi, kodwa ngoMoya waMi," kusho

uNkulunkulu, "Ngizokwembula lemfihlakalo." Futhi, "Uzokhala kuyo, Umusa, umusa, ngokumemeza nokukhala." Yilokho okuyikho namuhla, umusa omangalisayo kaNkulunkulu kubantu baKhe. Ukuthi Ubathatha kanjani abangakwazi ukufunda nokubhala, abangafundile, kukhomba ukuthi uJesu usenguye.

66 Ngenkathi Esefikile, Akezanga kosiyazi bezenkolo abakhulu. Kanjalo Akayanga kuKeyifasi, umpristi omkhulu; ngaphandle kokuthi alahlwe nguye.

67 Kodwa Wathatha abadobi, amadoda ayempofu futhi ahamba impilo eyejwayelekile. Futhi lapho Wazembula Yena uqobo, wayesethi, "Ngilandeleni, futhi Ngizonenza abadobi babantu," kukhombisa ukuthi umusa waKhe eselokhu ufinyelele phansi ngisho kusukela kumaJuda kuya kwabeZizwe, ukubiza abantu ukwenzela iGama laKhe kulolu izinsuku zokugcina, njengoba nje sedlule kukho. Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka!

68 UMusa mdala. UMusa mdala njengoba lomhlaba ungako. UMusa waqala ukukhonjwa esintwini ngenkathi saba nokuqala kwesizwe sabantu. Ngenkathi isizwe sabantu siqala sidalwa ensimini yase-Edeni, ngalokho kusa okumnyama ngenkathi lowo owesifazane omncane anyathela ngale komugqa owehlukanisayo, futhi esephambene neMiyalo kaNkulunkulu futhi wayenga umyeni wakhe ukuba enze okufanayo, ngakhoke umthetho wephulwa. Umthetho umele ube nenhlawulo noma akusiwo umthetho. Nomthetho wawungukuthi, "Mhla nidla lapho, ngalolosuku niyakufa nokufa."

69 Khumbula, isihlalo sokwehlulela sokuqala saba phezu komhlaba, futhi sasisensimini yase-Edeni. Nesihlalo sokwehlulela sokugcina siyoba phezu komhlaba, esikhathini sokugcina, isiHlalo esiMhlophe.

70 Kodwa uma uJehova ehlela phansi, ngiyacabanga lapho kwakungekho ngisho inkanyezi ukuba ikhanye, kwakumnyama bhuqe kuleyonsimu encane eyake yakhanya, ngoba isono sasiyicishile, sasusa ukuKhanya phakathi wabo.

71 Yileyo indaba ngamabandla namuhla. Yileyo indaba ngabantu namuhla. Isono sicishe ukuKhanya kukaNkulunkulu ophilayo, ukukhombisa ukuthi uKristu usenguye izolo, namuhla, naphakade, futhi Uphilela ukusindisa okwehle kakhulu, nokuphilisa kuye kophansi ukwedlula konke, umuntu ogulayo.

72 O, kwakukubi kanjani ngalokho kusa, ubumnyama bulenga ensimini! Ngiyacabanga inkungu emnyama njengendwangu yesaka emnyama. Ngiyacabanga lonke icembe linganyakazi neze. Kwakungekho moya onyakazayo. Kwakungubumnyama futhi bububi kakhulu, ngoba isono sasicishile.

73 Nakho kuza uJehova ezansi njengokubhonga kokuduma kwezulu, ehamba phakathi nensimu, ememeza, "Adamu, ukuphi na?" Kulapho-ke lapho uAdamu aqonda khona ukuthi uhambaze futhi wayonile phambi kukaNkulunkulu. Wazifihla futhi wazama ukuzenzela inkolo, kodwa akusebenzanga. UNkulunkulu wabulala izimvu ezithize, wathatha izikhumba, futhi wakhombisa ukuthi into ethize kwakumele ife ukusibekela isono.

74 Ukujoyina ibandla angeke kusisibekele isono. Akusikho ukuvuma okungenazinyembezi okusibekela isono. Kuthatha usizi nokuphenduka, nomusa kaNkulunkulu, ukusibekela isono; ngokuba iGazi likaJesu Kristu, Lelo uNkulunkulu alibulala eKalvari, ukusibekela isono.

75 Lapho ensimini ngalokho kusa, lapho isono sasimnyama kakhulu, uJehova uyangena. Nakho kumi izithandani zaKhe zimile, zilahliwe. Kungeke kusaba nesizwe sabantu, babemele bafe; ukufa esizweni sabantu, abuyisele umhlaba emuva esilweni sasendle futhi ngeke kusabakhona isizwe sabantu. Kodwa kulobo bumnyama obukhulu ukwedlula bonke behora, kulesosikhathi lapho onke amathemba ayesengasekho, umusa uyeza uthululeka lapho, wathi, "Ngizoninika uMsindisi, uMesiya." O, kuyisimanga ukuthi uNkulunkulu angake akwenze kanjani! Umusa omangalisayo kaNkulunkulu ensimini yase-Edeni, lokho kubanika isethembiso SoLungileyo Owayengeza ngowesifazane. "INzalo yowesifazane iyakuchoboza ikhanda lenyoka," onecala, "nekhanda layo liyochoboza isithende sayo," ukukhombisa ukuthi kuyoba nenhlupho eBandleni. Kodwa Wethembisa ukunqoba! Yini eyanhlinzeka uMsindisi na? Umusa!

76 Yini ababengayikhombisa ukuba yedlule umusa na? Yini abebangayikhombisa ukukwenza na? Ukuzwakalisa kwempi, kuxoleleni, ngifuna kuphela ukukwenza epulpiti lami lapha ukwenza iphuzu, "ukusola omunye." U-Adamu wathi, "Owesifazane Onginika yena okwenzile." Owesifazane wathi, "Inyoka ingikhohlisile." Omunye wakwethwesa omunye. Kwakungasekho mathemba kubo.

77 Kodwa uNkulunkulu wahlinzeka umusa, futhi kweza kudabula phakathi! Wasethi, "Kodwa Ngizokwenza indlela, ngandlela thize. Ngizonisindisa, kungakhathaleki. Nenze kabi, niphambukile emithethweni yaMi. Futhi imithetho yaMi imele ibekhona, kodwa ukwehlulela okuvela emithethweni yaMi kuzomele kufezwe. Ngakho-ke kuyomele kube nokufa, ngoba Ngithe 'ukufa.'"

78 Manje, bangani bami abangamaKristu. Futhi lamateyipu lapha enziwayo azosabalala umhlaba jikelele. Ake nginibuze into ethize, nina ozama ukwenza uNkulunkulu abe oNkulunkulu

abathathu, noma nina enizama ukuMenza abemunye, njengomunwe wakho. Munye kumuntu!

79 Kwakungeke kube kahle kuNkulunkulu ukwenza iNgelosi ife. Wayengeke abe uhlobo olukahle lweJaji futhi enze iNgelosi ifele isidalwa esingumuntu. Lokho selokhu kungakwelaphi, ngoba umthetho waKhe omkhulu ubiza ukufa, futhi into ethize ibimele ife, futhi iNgelosi ingeke ife. Kanjalo wayengeke Athi, "Eva, ngoba ubangele uAdamu ukuba enze lokhu, Ngizokwenza ufe, ngiyekele uAdamu aphile," ngoba uAdamu naye wayephakathi ekukwenzeni.

80 Njengomunye owathi, "UPilatu walungisiswa, wageza izandla zakhe." Ungeke uhlanze iGazi likaJesu Kristu lisuke ezandleni zakho. Ungeke ushiye lesisakhiwo kulokhu ukusa bese uye eZulwini, uma ufela ezonweni zakho. Lisezandleni zakho. Ngakho, akulungile.

81 Kwakukhona indlela eyodwa kuphela elungile. Kunendlela eyodwa kuphela engabakhona, umthetho omkhulu kaNkulunkulu, izidingakalo ezingahlangabezeka ngawo. Wadingeka azihlangabeze qobo lwaKhe. Kwakumele akwenze. UNkulunkulu unguMoya futhi Angeke afa. Ngakho uNkulunkulu kwakumele enziwe abe ngumuntu, futhi Wafa enyameni yomuntu, esimeni somuntu obizwa ngo "Jesu Kristu," futhi lowo kwakunguMesiya othenjisiwe owaletha umusa. Yilapho obona khona ukuthi uNkulunkulu noKristu nguMuntu oyedwa, uNkulunkulu ehlala kuKristu. "Mina noBaba waMi siMunye, uBaba waMi uhlala kiMi; akusiMi engikhuluma iZwi, kodwa uBaba waMi ohlala phakathi kiMi." UNkulunkulu kuKristu! Impela.

82 Umusa wethenjiswa ensimini yase-Edeni, futhi umusa wafika, umusa ku-Adamu no-Eva. Akukho ndlela yokuhamba, ayikho indlela yokujika kepha nokho umusa wenza indlela!

83 Ake ngisho lokhu, mngani wami oyisoni. Ungaba lapha kulokhu ukusa uyisifebe, ungaba lapha kulokhu ukusa njengoxoshana nesifazane, ungaba lapha uyisidakwa noma umgembuli, noma umbulali ngamabomu. Ungahle ube lapha njengomyeni ongahlanzekile, unkosikazi ongahlanzekile. Ungahle ube yisoni esideleleke kunabo bonke. Uthi, "Ngedlulile kulesosigaba sokuhlengwa." Qhabo, awunjalo, noma-ke ubungeke ube sebandleni kulokhu ukusa. Umusa uzokwenzela indlela kulelihora elimnyama uma nje uzowamukela. U-Adamu wayemele afise ukuwemukela, kanjalo nawe. Wemukele.

84 Umusa kaNkulunkulu wafinyelela ngale esikhathini sikaNowa. UNowa, umuntu nje ojwayelekile, yena nomndeni wakhe. Kodwa ngoba uNowa wamesaba uNkulunkulu, wamkholwa uNkulunkulu! Angeke umesabe uNkulunkulu ngaphandle kokukholwa. Ungayesaba kanjani into ethize ongayikholwa na? Uzofanele umesabe uNkulunkulu.

USolomoni wathi, "Ukwesaba uNkulunkulu ukuqala kokuhlakanipha." Manje, ukwesaba uNkulunkulu nje, uqala ukuba nokuhlakanipha. Futhi ukwesaba uNkulunkulu, UNowa wayesaba iNkosi futhi wayikholwa iNkosi. Futhi yilokho uNkulunkulu akuhloniphayo, ngukukholwa kwakho kuYe. Kunjalo. Ngakho-ke lapho ukwesaba uNkulunkulu kuza phezu kukaNowa, uNkulunkulu wambiza ngomusa, futhi wamsindisa nendlu yakhe ngoba kwakungumusa owakwenzayo. Hhayi ngoba uNowa wayeyindoda enkulu kakhulu enhle kunabo bonke, hhayi ngoba uNowa waya ebandleni eligcono kunawo onke elalikhona ezweni, hhayi ngoba wayengowenhlangano enhle kunazo zonke, hhayi ngoba wangayegqoka kancono, hhayi ngoba wayenemali eningi, hhayi ngoba wayengumuntu othize okhethekile. Kodwa ngenxa yomusa kaNkulunkulu, uNkulunkulu wamsindisa uNowa. Umusa wamsindisa uNowa (hhayi imisebenzi yakhe; kodwa umusa waKhe) futhi wasindisa nomndeni wakhe futhi.

85 Sibiza omunye umlingisi lapho umusa kaNkulunkulu welulwa, abaningi babo, sizokhuluma nje ngabambalwa. UAbrahama. UAbrahama, engesiyo indoda ekhethekile, uza ezansi embhoshongweni waseBabele, mhlawumbe uphuma esigejaneni sabakhonza izithixo (ubaba wakhe), uza ezansi ezweni laseShinari ezansi lapho, ukuzohlala emzini wase-Uri. Futhi eselapho, uNkulunkulu wakhuluma kuye ngomusa. Hhayi ngoba wayehlukile, hhayi ngoba wayeyindoda encono; kodwa, ngomusa, uNkulunkulu wambiza. IBhayibheli likwenza kwazeke ngokucacile lokho. O, Abrahama, uAbrahama wakuhlola kanjani ukubekezela kukaNkulunkulu! Wamtshela, wathi, "Abrahama, hlala kulelizwe, ungalinge uphume kulo." Kodwa masinyane ngenkathi indlala iza, uAbrahama wabaleka.

86 UAbrahama wayekhuluma ngathi. UNkulunkulu wathatha—uNkulunkulu wathatha uAbrahama ngomusa, futhi wamsindisa. Futhi yileyondlela Akuthatha ngayo, ngomusa. Futhi sikuhlola kanjani ukubekezela kwaKhe na? Namuhla siphezulu, kusasa siphansi. Ngolunye usuku siyakholwa, ngosuku olulandelayo siyamangala. Namuhla singamaMethodisti, kusasa singamaBaptisti. Namuhla sikholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, kusasa ubuhlungu besisu buze futhi singazi noma siyakukholwa noma qhabo. Kodwa nokho phakathi kwakho konke lokho, uNkulunkulu usifuna sihlale endaweni sizinze. Kodwa Uyasisindisa, noma kanjani. Ukube kwakungesiwo umusa kaNkulunkulu, ngabe sonke sesahamba. Impela. UNkulunkulu usisindisa ngomusa waKhe.

87 UAbrahama wayemele ahlale kulelozwe, kodwa waya ezansi kumaKaledi, noma, hhayi amaKaledi, kodwa amaFilisti. Waya ezansi lapho ukuyoba ngumfokazi, aphume endlaleni. Izinto zazilukhunyana kancane enhla ezweni lakhe, ngakho

wehlela lapho ukuhambisana nabo. Wenza khona ncamashi lokho uNkulunkulu amtshela ukuba angakwenzi, kodwa nokho umusa kaNkulunkulu wabonakala kuye, wagcina uFaro eku ta-. . . noma i—noma inkosi ekuthatheni umkakhe. Umusa kaNkulunkulu. Lapho uAbrahama athi, "Ngudadewethu," waqamba amanga ngakho, kodwa nokho umusa kaNkulunkulu wambamba ngoba waphenduka. Wayefisa ukuphenduka.

88 Futhi noma ngubani ofisayo ukuphenduka, umusa kaNkulunkulu uselokhu uqondene nawe. Umusa kaNkulunkulu uyakufuna. Ngakho, lokho kuqondene nani bahlubuki kulokhu ukusa, umusa kaNkulunkulu uselokhu ufuna nina. Uma nje nizophenduka, umusa kaNkulunkulu wenele.

89 WaMthatha kanjani uAbrahama omuhle ogugile, wambuyisa! Futhi khumbulani, uAbrahama akasindiswanga yimisebenzi yakhe, wasindiswa ngomusa. UAbrahama wasindiswa ngokukholwa, okungumusa. NoNkulunkulu wasindisa uAbrahama ngenxa yomusa waKhe, hhayi ngokuziphatha kwakhe. Wamsindisa ngenxa yomusa waKhe. O, kuhle kanjani pho! Wasindiswa ngomusa.

90 Ake sithathe uIsrayeli. NginomBhalo obhalwe phansi lapha. Ngiwubhala phansi futhi ngingathathisela nje kuwo engqondweni yami. Uma ufuna ukuwubhala phansi, lokho kuyoba yinto enhle ukuyikhumbula uma ufuna, uDuteronomi 7:7. UNkulunkulu wanika uAbrahama isethembiso saKhe, noma akamnikezanga uAbrahama, ngixoleleni, wanika uIsrayeli. Futhi wabatshela, "Uma ningeke nizihlanganise nokukhonza izithixo! Uma ningeke nenze lezizinto! Uma nizohlalela kude nayo yonke lemikhosi yabahedeni! Uma nizokwenza zonke lezizinto, khona-ke Ngiyoniletha ezweni elihle, Ngizoninakekela, Ngizonondla, Ngizonihola. Ngizokwenza lezizinto uma nizokwenza lokhu nalokhu, uma nizoNgithanda, uma nizogcina iMiyalo yaMi, imithetho yaMi, izahlulelo zaMi. Ngizokwenza zonke lezizinto uma nje ningenza okuthize, futhi nigcine iMiyalo yaMi futhi niNgithande."

91 Njengomyeni nje ethatha unkosikazi, futhi uthi, "Uma ungaba ngowesifazane omuhle, uma uzonakekela indlu, uma uzoba ngoneqiniso kimi, uma uzogcina izimpahla zami zihlanzekile; uma sinabantwana, uma uzoba ngumama kubo; uma uyokwenza izinto, ngiyosebenza zize izandla zami zophe, ukukwenzela okokuphila, uma uzokwenza." Kodwa-ke, cabanga, uma engake lowo wesifazane aguquke enze kabi, aphile ngobuvila, angasebenzi, angenzi lutho na? Ngakho-ke kuthatha umusa ukugcina lowomndeni undawonye.

92 O Nkulunkulu! Kuthathe umusa kaJehova ukugcina umndeni waKhe undawonye. Futhi yileyondlela kuphela singumndeni kaJehova namuhla, kungenxa yomusa kaJesu Kristu; ngabe sonke sesahamba. Kodwa ngumusa, o, umusa!

93 Manje, kodwa abazange bawugcine. Kodwa bona, abazange neze bafike esethembisweni esiphelele; hhayi lesosizukulwane. Qhabo, lowo isethembiso esenziwa kuye, wabhubha ehlane. Kodwa uNkulunkulu wabondla, uNkulunkulu wabanakekela, uNkulunkulu wabathanda, Wahambahamba. Ngani na? Umusa waKhe wakwenza, umusa waKhe ngenxa yesethembiso saKhe, isethembiso saKhe ngakho-ke, umusa owahamba nesithembiso saKhe. Kodwa abazange bafike ezingeni eliphelele lezwe lesethembiso.

94 Futhi nalelibandla alifiki enanini eliphelele lalo. Umusa kaNkulunkulu uyasibamba. Kodwa Ufuna ukuthola ibandla elizoMlalela, abantu abazothatha iZwi laKhe futhi bathi "YiQiniso," kungakhathaleki ngenhlangano yakho. Ufuna abantu abangeke bathi, "Awu, ngikahle nje njengoba nawe unjalo. NgingumPresbyterian, ngingumMethodisti, ngingumKatolika, ngikahle nje njengoba nawe unjalo." Lowo akusiwo umusa; lokho kukhomba ukuthi kukhona okungalungile.

95 Kodwa umuntu, kungakhathaleki, oyofunda iZwi likaNkulunkulu futhi ubone ukuthi umele uzalwe ngokusha futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bayokukholwa lokho, bayokuthatha ngeZwi. Bayothatha iZwi ncamashi lokho eLikushoyo.

96 Njengasemibhaphathizweni nokufafaza; umbhaphathizo ulungile. Akekho eBhayibhelini owake wafafazwa, ayikho into enjalo emBhalweni. Kanjalo akazange neze abekhona noma ubani owake wabhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," eBhayibhelini. Ba, bonke, babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Ngakho akukho namunye, akukho ngisho nalinye ichashaza lomlando ukuba . . . Uma noma ngubani engakhomba noma yikuphi, noma yikuphi emlandweni, lapho noma yimuphi umuntu wake waze wabhaphathizwa eBhayibhelini, noma eminyakeni engamakhulu amathathu emva kokufa komfundi *wo*kugcina, kuze kube yibandla leKatolika, uma noma ngubani engakhomba noma yikuphi ukuthi noma ngubani wake waze wafafazwa noma wabhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," kwaze kwaba ibandla leKatolika, ubophezeleke ngokomphefumulo ukuza ungitshele. Akukho lapho. Kodwa yini esiyenzayo na?

97 Sesedlulile *EmiNyakeni YeBandla* futhi sibona lapho ababemele bakwenze khona lokho. Ngakho, niyabo, uNkulunkulu ufuna umuntu othize ozoMlalela. Uma kungekho emiBhalweni, ngakho-ke akusuye umuntu . . . yimfundiso eyakhiwe ngumuntu futhi hhayi iMfundiso yeBhayibheli. Niyabo? Ngakho akukhathaleki ukuthi ibandla liyini, ukuthi ubenephutha kanjani, kwenza mehluko muni lokho na? Kungukuthi ungaba kahle kanjani manje! Umusa

kaNkulunkulu ukubonakalisile kuwe, ngakho-ke hamba kuwo. Umusa kaNkulunkulu!

98 Khumbulani uMose, naye, lowo mholi omkhulu. UNkulunkulu ngabe wambulala ngenkathi ehlela ezansi lapho ukuyozidumisa ngokushaya leloDwala, futhi wathi, “Niyabo ukuthi yini engingayenza na?” ngamany’amazwi. “Nina mambuka, singanikhelela amanzi kuleliDwala na?” Futhi waLishaya namanzi awaphumanga; waLishaya futhi. Yini ayenza na? Wafakaza ngobuthakathaka buka—bukaKristu, ngoba uKristu wayeyileloDwala. Lelo yiTshe-eliyinhloko. Esikhundleni sokulishaya, noma ukukhuluma kulo . . .

99 Lashaywa kanye. Khumbulani, uNkulunkulu watshela uMose ngale ku-Eksodusi, “Phumela ngaphandle futhi Ngizoma phambi—phambi kwakho, phezu kweDwala, futhi ushaye iDwala.” Futhi walishaya iDwala futhi Lakhipha amanzi. UNkulunkulu wathi, “Esikhathini esilandelayo, hamba ukhulume eDwaleni futhi Lizokhipha amanzi aLo.”

100 Kodwa uMose wafuna ukukhombisa ukuthi wayenegunya elincane, amandla amancane, ngakho wathi, “Ngizonikhiphela amanzi kuleliDwala.” UNkulunkulu ngabe wambulala, ngakho. UNkulunkulu ngabe wamehlukanisa, ukuthi wephula umthetho kaNkulunkulu khona lapho, ngoba wakhuluma ngobuthakathaka bukaKristu, Wadingeka ukuba ashaywe okwesibili. UKristu washaywa kanye nje kuphela. Manje sikhuluma eDwaleni, futhi Likhipha amanzi aLo.

101 Kodwa kwakuyini na? Ake sibuke endodeni endala, inekhulu namashumi amabili.

102 Omunye wathi kimi kungekudala, wathi, “UNkulunkulu unguNkulunkulu ongalungile,” wathi, “ngoba Wenzele uMose phansi. Emva kokuba eseshikashikeke namaHeberu iminyaka engamashumi amane kulelohlane phandle lapho, Wamenzela phansi futhi ngakho-ke wangamvumela nokuba angene ezweni lesethembiso.”

103 Ngathi, “O, ngumbhedo!” Qhabo, Akazange amenzele phansi uMose. Waya ezweni lesethembiso. Cishe eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa kamuva, wabonwa phezulu eNtabeni yokuGuqulwa iSimo, engophile njengoba wayenjalo, emile, ekhuluma kuJesu ngaphambi kokuba Aye eKalvari, yena noElija, bemi ndawonye, bekhuluma, futhi. UMose noElija babonakala kuJesu, uPetru, uJakobe noJohane, eNtabeni yokuGuqulwa iSimo. Wayengafile. Wayephila. UNkulunkulu akazange amenzele phansi. WayesePalestine.

104 Manje bukani, ngaphambi kokuba afe, wakhwela iNtaba iNebo, ngalokho kusa ngesikhathi azi ukuthi wayehamba. Wayesamkhumulile kadeni uAroni, wabeka izimpahla zakhe phezu kwezinye. Wathatha ingubo yakhe ende, wayibeka phezu kukaJoshuwa, futhi wamyala ukuba ahlale naleyomiyalo!

Futhi esakhwela eya esicongweni seNtaba iNebo, waya esigodini samathafa, azi ukuthi wayeya lapho phezulu ukuyokufa, futhi wakhwela phezulu eNtabeni iNebo, naphezulu ePisgah. Futhi esamile lapho, uNkulunkulu wathi, "Buka ngale ezweni. Ngifuna ukuba ulibone. Mose, ngabe uyile ngale. Kodwa uyazi ukuthi yini oyenzile ezansi kuleloDwala ngalolosuku na? Wazikhazimulisa wena uqobo." Ngicabanga ukuthi yilokho okuzoba yinkathazo enkulu ngabaningi bethu bantu namuhla. "Uhamba uye ezansi lapho eDwaleni, futhi wazikhazimulisa wena uqobo." Kodwa qaphelani ngenkathi eselungele ukufa, nakho kwama iDwala. Angahle ukube wavele nje wanyathela phezu kweDwala lapho ePisgah, futhi uNkulunkulu wamngcwaba. Kodwa angahle ukube wavuka futhi, ndawanathize, ngoba wayephila. Wayefanekisa uKristu. Nango lapho, emi eNtabeni yokuGuqulwa iSimo, iminyaka engamakhulu kamuva, ngale ePalestine. Niyabo, umusa kaNkulunkulu wahlinzekela iDwala. O, he!

105 Uma ngicabanga ngoAbrahama, ngawo onke amaphutha awenza, noMose namaphutha akhe, kodwa ngenkathi kubhalwa ukuhlaziya kuka-Abrahama, ngenkathi ukuhlaziya kobuNkulunkulu sebubhaliwe, ngenkathi uPawulu abhala ukuhlaziya ngoAbrahama, akazange asho lutho ngokungakholwa kuka-Abrahama. Qhabo, qhabo, akuzange ngisho kubalelwe kuye. Wathi, "UAbrahama akazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enikeza udumo kuNkulunkulu."

106 Umkhuleko wami othobekile ungukuthi, ngaphambi komusa kaNkulunkulu olapha kulokhu ukusa, ngiyethemba eyami ibhalwe kanjalo, ukuthi Akayikuwabona amaphutha ami. Ukuthi lapho ukuhlaziya ngami sekubhalwe khona, umlando wokufa wami, ukuthi awuyikufundwa ukuthi ngenza amaphutha futhi ngenza okubi, kodwa Uyobona kuphela izinto engazama ukuMenzela zona. Kwangathi nje bengaba . . . Yini eyenza lokho na? Uyothatha umusa kaNkulunkulu lowo engikholelwa kuwo. Futhi yilapho engikholelwa khona kuphela. Ngoba phezu kokuhle kwami angeke ngingene kakhulu kunabanye, kodwa phezu komusa kaNkulunkulu ngincike kuwo. Yebo, ngumusa engincike kuwo.

107 KwakuneDwala lapho ngenkathi uMose elungela ukufa.

108 Yini esingayisho ngoDavide na? Umusa kaNkulunkulu! Lesosiqhwaga esikhulu leso uNkulunkulu qobo lwaKhe . . . Wathi, "Ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." Lesosiqhwaga esikhulu, uDavide, wayengayenza kanjani into enjengaleyo ayenza, ukuba athathe u-Uriya, isotsha lakhe, ebe enedlanzana labeZizwe phandle lapho njengamasotsha na? Lalelisisani kulendatshana encane okomzuzwana nje. Ngenkathi babenamasotsha abo ngaphandle lapho, futhi u-Uriya nguye owama ngakuDavide. U-Uriya wayengosanda kuphendukela

kwenye inkolo, wayengumHeti, osanda kuphendukela enkolweni yamaJuda. Futhi lawo madoda amthanda kakhulu uDavide! Babebonile ukuthi ugcobo lwaluphezu kwakhe, nakuba wayeyi—wayengumbaleki. Wayekhishelwe ngaphandle kwezwe lakhe, kwambiza ukuba ahlale namaFilisti. USawulu wayemzingela. Kodwa nokho lawomadoda, abona ugcobo luphezu kwakhe! Babazi ukuthi uza emandleni. Udumo kuNkulunkulu!

109 Ngijabula kakhulu ukuba umbaleki namuhla, ngoba ngiyabona ukuthi uKristu uyeza ukuzoba yiNkosi. Ningabakhetha bonke oKennedy nanoma yini enye futhi eniyifunayo. Kodwa uKristu uzoba yiNkosi! Ugcobo luphezu kwaKhe, phezu koMlayezo waKhe wokuFika kwaKhe. Futhi Uzoba yiNkosi!

110 Yini abayenza na? Ngolunye usuku wayemi phezulu lapho omele ukuphuza amanzi esangweni ngaphandle lapho eBetlehema, lapho ayevame ukuya kuyolusela khona izimvu. Futhi niyazi ukuthini? Omabili alawomadoda athatha izinkemba futhi asika amamayela ayishumi nanhlanu enyameni yomuntu, ukumtholela ibhakede lamanzi. Ngoba, ngani, ukufisa kwakhe okuncane kwakungumyalo kubo. Cabanga ngalokho! Futhi basika kulawomadoda, kuyo yonke indlela kuya esicongweni sentaba lapho bathi wayemi khona, kwakungaba ngamamayela ayishumi nanhlanu. Bahamba bedlula khona lapho. Futhi yonke indoda yasukuma, ayengalwa ukulwa kwababili naye baze bambulale. Baqhubeka bedlula! Futhi bathatha lelibhakede futhi bathola ibhakede lamanzi, khona lapho nje emgqeni wesitha, amadoda amabili, ukutholela inkosi yabo, umfowabo, ukuphuza amanzi. Lapho, wayenawo amanzi phezulu lapho ukuba aphuze, kodwa wayefuna *lawo*manzi.

111 O Nkulunkulu, mangithathe iNkemba yeZwi futhi ngisike kuyo ngidlule kuyo yonke inhlangano, ukuletha umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, naMandla ovuko noMoya oNgcwele, emuva kubantu, kungakhathaleki ngo . . . ngoba Uzongena emandleni. Uzongena emandleni, Uzokuma yedwa. Kodwa Lisika kuyoyonke inhlangano, lisika kukho konke okucatshangwayo, kusosonke isivumokholo esenziwe ngumuntu, uze ubuyisele uMsindisi imvu ephambukile, umuntu othize, ubuyisele emuva iziMfundiso zeBhayibheli futhi, zikaJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Umusa kaNkulunkulu!

112 Bukani uDavide. Wayengakwenza kanjani . . . Omunye wagxumela emgodini futhi wabulala ibhubesi. Wayengakwenza kanjani uDavide ukuthatha umfazi kaUriya, uBatisheba omuhle, ebe enabakhe abangamakhulu ayisihlanu na? Kodwa wambona egeza. Futhi nakho ukunganaki. Manje, wakhohlwa nje ukwehlisela amakhethini phansi ngenkathi egeza, futhi azi

ukuthi inkosi ivakashile lapho, ngalapho, zonke izinsuku, phansi ngalolobonda.

113 Yileyo indaba. Angicabangani ukuthi abesifazane namuhla bashaya indiva kakhulu noma kanjalo, awu, bavele nje kalula baphumele ngaphandle behambaze, yilokho kuphela nje, ezitaladini, begqoke izimpahla ezincane ezindala. Kulihlazo! Futhi bese uyamangala ukuthi kungani amadoda ekhuzela futhi ashaye ikhwela. Kungani, benza lokho ukubenza bashaye ikhwela futhi baqhubeke. Bayakwazi lokho, basemqondweni owenele ukukwazi lokho. Bakwenza ngoba nje bayafuna. Kusenhliziyweni yabo. Ubatshela ukuthi bakhohlakele, bangahle baphikisane nalokho. Kodwa bangahle bangabi yilabo abakhohlakele, bangahle babe ngomsulwa njengomnduze, uma kuza ngokokocansi. Kodwa, khumbulani, kunomoya phezu kwabo, lologcobo lukadeveli, othumela omunye umphefumulo wendoda esihogweni. Khumbulani, iBhayibheli lathi, "Obuka owesifazane, amkhanuke, usevele uphingile naye enhliziyweni yakhe." Futhi khumbula, dadewethu, uyophendula ngokuphinga nakuba ungazange ukwenze khona impela empilweni yakho yonke, kodwa leso soni esikubuke ngaleyondlela ogqoke ngayo, ulahlwa ngecala lokuphinga. Uyophendula ngoSuku lokwaHlulelwa, ngokuphinga. Uma kufanele athi . . .

114 Uthi lapha, Ulobile eNcwadini yaKhe, "Uyaphinga."

"Nobani na?"

"Nkk. John Doe."

"Ngakho-ke, uNkk. John Doe, uthini ngalokho na?"

115 "Ngiyafunga ngi . . . Uyalazi irekhode lami, angikaze ngihlale nenye indoda ngaphandle komyeni wami."

116 "Kodwa wazigqokisa waze wabangela lendoda ukuba iphinge. Futhi unecala lokuphinga nayo. Yilapho-ke akwenze khona. Nguwe ofanele usolwe, nguwe owaziveza."

117 UBatisheba wenza kabi njengo-Eva enza kabi, kodwa uAdamu wabandakanywa kukho. Ngicabanga ukuthi sihlala njalo simpongolozela abesifazane, futhi. Nina madodana kaNkulunkulu, madoda. Ngiyazi niliqembu eliqine kakhulu, lokho kunjalo, ubulili obuqinile. Ningaphezu kwabesifazane, lelo yiqiniso, ngakho yenzani njengakho. Musani ukubengama, nizame ukuthatha intombazanyana futhi niyonele impilo yayo. Kodwa yiba yindodana kaNkulunkulu, mtshele ukuthi usephutheni, futhi ume njengendodana kaNkulunkulu. Ungudadewenu. Yebo, mnumzane. Yini esizama ukuyenza, lokho okubizwa ngamadodana kaNkulunkulu namuhla, angawasemabandleni, akhiphe yonke intombazanyana angakwazi. Khumbulani, ngoba kunowesifazane ongenasimilo ngenxa yokuthi enye indoda eshadile yamona, naye. Ngakho, ibhodwe lingeke libize iketela ngokuthi limnyama, ngakho nje

khumbula. Isono esenza konke. Futhi sonke simelwe ukufa, futhi sifanele sife ngaso.

118 Ngenkathi uDavide enze leyonto embi, ukwehlulela kwakhe uqobo ngabe kwambulala. Lapho lowomprofethi enyukela lapho, wayecabanga ukuthi kufihliwe. Ngenkathi lowomprofethi enyukela lapho futhi ema phambi kwakhe, wathi, "Davide, ngabe konke kuhamba kahle na?"

Wathi, "Konke kukahle."

119 UDavide, ezingubeni zakhe ezinde eziphakeme nomqhele wakhe omkhulu, futhi wayenoJowabe ngaphandle lapho, ujenene wakhe omkhulu, nakho konke ukulwa kuqhubeka. Wayegcina zonke izitha zisuke eminceleni nezinto, konke kwakuhamba kahle. Wayenomntwana ngaloBatisheba. Futhi wayenoUriya omncane bandla ephuma lapho, futhi wayenoJowabe ukuma ngasohlangothini lwakhe, waze wanyomuka kuye. Futhi—futhi—futhi umfana wafa ngenkathi ilanga lishona, nomkhonto wempi esandleni sakhe, igazi ehawini lakhe, lapho wayemele uIsrayeli, ekubeni kanti usanda kuphendukela enkolweni yabo. Ngakho-ke ngenkathi uJowabi ebuya futhi wamtshela ukuthi—ukuthi uDavide ufile . . . ukuthi—ukuthi u-Uriya ufile, uDavide wacabanga, "Konke kukahle manje. Ngimtholile umkakhe, futhi yonk'into izoba kahle. Ngithole ingane." Kodwa ingane yabanjwa ukugula. Umntwana waqala ukufa. Futhi wenza konke ayengakwenza ukusindisa impilo yengane, mhlasimbe wonke udokotela uyeza. Akukho okuhle. Ekugcineni, ingane yafa. Besaba ukutshela uDavide ukuthi ingane ifile. Futhi yafa. Ngakho wacabanga ukuthi yonke into yayifihlakele. Ngakho waduduza uBatisheba. Ayesevele emthathe waba ngumkakhe, emva kwawo onke lawo amanye amakhosikazi.

120 Lomprofethi omdala, umfo onempandla omdala watheleka phakathi, uNathanayeli omdala, evela ehlane, wahlala phansi, wathi, "Davide, konke kuhamba kanjani na?"

121 Wathi, "Kahle! Kahle! Mprofethi omdala kaNkulunkulu, phila phakade! Haleluya!" O, nje waye . . . Wayecabanga ukuthi konke kukahle, wacabanga ukuthi wayengakufihla.

122 Kodwa ungeke wacasha kuNkulunkulu! Uyazi ukuthi ucabangani khona manje. Uyayazi imicabango yakho, ngokuba UnguNkulunkulu. LowoMoya oNgcwele osesakhiweni kulokhu ukusa, uyayazi imicabango yakho, ukuthi ungubani, ukuthi uvelaphi, ukuthi wenzeni, ngokuba uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

123 UNkulunkulu wayekwembulile kulowomprofethi. Wathi, "Davide, kwakunendoda enothile ehlala ngaku*lolu*hlangothi lomgwaqo, yayinezimvu eziningi kakhulu, o, wayenothe kakhulu. Indoda eyayihlala ngaku*lolu*hlangothi lomgwaqo, yayimpofu, yayinewundlu elilodwa. Yayiliphatha

njengendodakazi. Ilipha ngaso sona leso sipunu edla ngaso. Yayilala naleliwundlu. Yonke into nje yayi. . . Lalinjengendodakazi kuyo. Futhi ngolunye usuku isivakashi seza, ngakho, esikhundleni sokuthi indoda enothile ithathe imvu yayo eyodwa futhi yenzele isivakashi idili, awu, esikhundleni salokho, yaya ngale futhi yathatha iwundlu lendoda empofu, futhi ngendluzula, yathatha iwundlu futhi yalibulala, futhi yenza idili."

124 Manje, lokho kwakuyizinkanuko zikaDavide. Wayenabafazi abangamakhulu ayisihlanu, kodwa ngenkathi ebone unkosikazi kaUriya, esikhundleni sokuthi athathe eyodwa yamakhosikazi akhe abangamakhulu ayisihlanu, ukwehlisa noma ukwenelisa izinkanuko zakhe, waya, wathatha lenkosikazi yenye indoda, wase ebulala u-Uriya ngenkathi isibe ngumama. UDavide wayengazi ukuthi wayenzani, ngani, uDavide wayeselungele ukusho isigwebo. Yileyondlela esiyiyo. Singahlala njalo sehlulela omunye umfo, kodwa uma kuza kithi, o, lokho kwehlukile.

125 UDavide wathi, "Indoda izokhokha ngempilo yayo."

126 Lowo mprofethi omdala, amehlo akhe akhomba phansi. Wathi, "Davide, impela ungeke ufe!" Bhekani umusa lapho uya kosebenza masinyane. UMoya wathinta umprofethi, wasindisa impilo kaDavide. Umusa, "Impela ungeke ufe, kodwa inkemba ayiyukusuka endlini yakho kuze kuba isuse ngokuphelele okubi enhliziyweni yakho. Ngoba, uyileyondoda ecebile." O, kwakwehlukile-ke, kwakungenjalo na?

127 Yini eyasindisa uDavide, ngenkathi ukwehlulela kwakhe uqobo kwathi, "Indoda izokufa! Izokhokha ngokuphakeme kakhulu, futhi izokhokha ngempilo yayo"?

128 Futhi umprofethi wathi, "Impela (umusa) ngeke ufe. Ungeke ufe, Davide. Umusa ukusindisile." Kwakungumusa, kuDavide, owamsindisa. O, hhe!

129 Ukube kwakungesiwo umusa, ngabe sonke sikuphi na? Ngabe kunjalo na? Impela.

130 Umusa obusayo uvela Kobusayo. Umusa obusayo ovela Kobusayo. OBusayo, ungenzani na? OBusayo angenza noma yini ayifunayo. Lalelani lokhu manje. Umusa obusayo unganikezwa kuphela yiLowo oBusayo. Futhi uNkulunkulu ungoBusayo, ngakho Anganikeza umusa obusayo. Ngakho-ke engoBusayo, umusa awudingeki ukuba ubuze muntu, awudingekile. Wenza lokho ofuna ukukwenza. Akumangalisi lokho na? Awudingekile ukuba ubuze, "Ngingakwenza yini *lokhu* na? Noma, ngingakwenza yini *lokhu* na? Ngikwenze na? Kumele ngikwenze na? Ngingakwenza na?" Awukwenzi lokho. Uzenzela wona. Umusa uyaBusa, ngakho-ke Angasindisa okubi kunakho konke, Ungasindisa odeleleke kunabo bonke, Angasindisa

okubi kunakho konke, Angasindisa okhohlakele kunabo bonke, Angaphilisa abagula kunabo bonke. Haleluya!

131 Angasindisa olusizi njengami. Futhi Wakwenza. Kuyini na? Umusa! UWilliam Branham, indodana yesidakwa. Lokho akwenzi nayimuphi umehluko, umusa kaNkulunkulu wangisindisa!

132 "Mina, ngiyindodakazi yowesifazane owayengalungile." Akwenzi nayimuphi umehluko, umusa kaNkulunkulu wakusindisa. UyaBusa, awufanele ubuze muntu lutho. Amen! Ngijabule kakhulu ngalokho. Haleluya!

133 Ungathatha isoni esideleleke kunabo bonke futhi usenze sibemhlophe njengeqhwa, awufanele ubuze muntu ngakho. O, Ungakwenza ngoba UyaBusa. Lalelani, masinyane manje.

134 Lokho kwafakazelwa esiphambanweni, ngesikhathi lapho kwakuneselelesi esideleleke kunabo bonke, kwakusifanele ukuba sife. UNkulunkulu wayengakaze edlule nje engqondweni yaso. Akazange acabange lutho ngaWo. Lapho esiphambanweni ngenkathi, ngalezo zindebe ezinengazi, phakathi kokububula nakho kuqhamuka umsindo, "Nkosi, yiba nomusa kimi!"

135 Futhi nakho kuza Omunye emuva ngeGazi, izinyembezi, umunyu, umusa wawusuthatha uthi, "Namuhla uzoba naMi eParadesi." Umusa wenza lokho. Leso selelesi sasingazisiza kanjani ngokwaso na? Kungengaphezu kuka-Adamu owayengazisiza ngakho kwayena, kungengaphezu kukaEva owayengazisiza ngakho kwayena, kungengaphezu kokuzisiza kwawena, kungengaphezu kokuzisiza kwami, kungengaphezu kokuba singazidlukuzisa thina phezulu eMilky White Way namabhande amabhuzu ethu. Besingeke sakwenza. Kodwa umusa kaNkulunkulu ungenza utho ngakho, futhi uyakwenza! Umusa kaNkulunkulu, ukubusa komusa kaNkulunkulu, kuza kulesoselelesi esifayo, "Namuhla uzoba naMi eParadesi." O, cabanga ngakho! Lokho kuyamangalisa.

136 Cabangani ngakho: Uthando nomusa njengodade, odade abangamawele. Angeke ube nomusa ngaphandle kokuba nothando. Odade abangamawele. Kunjalo impela. Ngaphambi kokuba ube nomusa, ufanele ube nothando. Ngaphambi kokuba empeleni ukhombe omunye umuntu ububele, uyabathanda; kukungile noma kungalungile, ufanele ubathande, nakanjani, noma ungeke. Niyabo? Ngakho uthando nomusa yinto efanayo. Bangodade abangamawele, yilokho kuphela, uthando nomusa. Bona, besi . . . Asikwazi ukubona omunye ngaphandle komunye. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa," Wachitha umusa waKhe, futhi wawuletha ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele. Niyabo? Akunalutho nje ongalenza ngaphandle kokusebenzisana omunye nomunye. Umusa, umusa kaNkulunkulu yilokho okusisindisayo.

137 Manje sithola ukuthi, lowomusa, lapho njengalesoselelesi esifayo, akumangalisi ukuthi wakhuthaza osonkondlo ngenkathi bekubona. Omunye usonkondlo wathi:

Lesoselelesi esifayo sakujabulela ukubona
Lowomthombo ngosuku lwaso;
Lapho mangi, nakuba nginyanyeka njengaso,
Yahlanza zonke izono zami zasuka.

Kusukela lapho ngokukholwa ngawubona lomfudlana
Amanxeba aKho agelezayo ahlinzeka,
Uthando oluhlengayo lube yingqikithi yami,
Futhi luyobanjalo ngize ngife.

Ngakho-ke ngehloniphekile, iculo elimtoti,
Ngiyocula amandla aKho okusindisa,
Lapho lolu olufefezayo, ulimi olungingizayo
Lulala ngokuthula ethuneni.

Umusa, umusa omangalisayo! Haleluya! Omunye wayibhala:

O, uthando lukaNkulunkulu, lucebile futhi lumsulwa kangaka!
Alunamkhawulo futhi luqine kangaka!
Luyobekezela kuze kube phakade,
Iculo labangcwele nezingelosi.

Ukuba thina ngoyinki besingagcwaliswa ulwandlekazi,
Nezibhakabhaka ezenziwe ngephepha lesikhumba;
Nalolonke uthi emhlabeni luwusiba,
Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi;

Ukubhala uthando lukaNkulunkulu waphezulu
Kwakungamunca ulwandlekazi lome nkwe;
Noma umbhalo ogoqwayo bewungeke ukuqukathe konke,
Noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni.

138 Uyilokho-ke, umusa, umusa kaNkulunkulu. Umusa kaNkulunkulu uveze isithunzi . . . UNkulunkulu waletha umusa ezimpilweni zethu ngothando lwaKhe ngathi. Nansi enye into umusa ongeke uyenze; umusa ungeke uthengwe, umusa ungeke uthengiswe. Ngumusa! KuNgobusayo. Yebo, mnumzane. Ungeke uthengise ngawo. Ungasho ukuthi, "Nkulunkulu, ngizokwenza *ukuthi-nokuthi* uma Ungenza *ukuthi-nokuthi*." Ungeke ukwenze lokho. UNkulunkulu angeke akwenze lokho. Ungeke udonse

lutho kuNkulunkulu. UNkulunkulu ukunikeza khona ngomusa waKhe. O, o, o, he!

139 "Akusuye lowo othandayo noma lowo ogijimayo, kepha nguNkulunkulu ebonakalisa umusa." Kunjalo.

140 Abantu balala ngobuso babo. Futhi amanye amadoda eza kimi . . . Ngiyakholwa ngibone omunye wabafana ngemuva lapho esakhiweni namuhla. Umfana weMethodisti osanda kungena nje, futhi wemukela uMoya oNgcwele, ovela phezulu e . . . Futhi labo abafana beza kimi, bathi, "Manje, Mfowethu Branham, manje lokhu sesisindisiwe futhi semukela uMoya oNgcwele, singahamba yini sifune iziphiwo na?"

Ngathi, "Ningakwenzi. Ningakwenzi."

141 UNkulunkulu unikeza iziphiwo zaKhe ngokubusa kwakhe. Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka. Into yokuqala oyaziyo, uhamba ufuna okuthize, "Nkulunkulu, Ngenze nje ngibe ngumshumayeli, Yenza nje *lokhu* kimi," futhi uyoba yini-ke na? Ngumuntu ofuna ukuba isitatanyiswa, kwaphela nje. Uzohamba uye esayensini yezenkolo yomuntu nenye inhlangano, futhi lapho uzozenza insika futhi udleke. Yekela uNkulunkulu enze ubizo. UNkulunkulu uzokubiza, uNkulunkulu uzokungcwelisa, uNkulunkulu uzokunika lokho abefuna ukuba Akunike khona. Yebo, mnumzane.

142 Ungeke uthengise ngomusa. Qhabo, mnumzane. Wena, ungeke udayiswe, angeke kuthengiswe ngawo, kanjalo futhi ngeke uthengwe, ungeke ushintshiselwe ngentengo. Ungeke uthi, "Awu, manje, Nkosi, ngizohamba ngijoyine lelibandla leBaptisti elikhulu kakhulu, noma lelibandla elikhulu leMethodisti, noma lelibandla elikhulu lePentecostal, noma lelibandla elikhulu leNazarene. Ngizokwenza *lokhu* uma Uzokwenza *lokhu* kimi." Ungeke wathengiswa. Qhabo, mnumzane.

143 "Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi. Akukho muntu ongeza ngaphandle uBaba waMi embize kuqala."

144 Uvele nje ube yilunga lebandla lalelobandla elikhulu, yilokho kuphela nje, ungeke usindiswe. Umusa ufanele ukusindise. Amakhono ethu awahlali, futhi amakhono ethu angeke abe elethu—elethu . . . Amakhono ethu lawo esinawo, angeke sizuze umusa ngamakhono.

145 Uma uNkulunkulu angenza umshumayeli, lokho akukhombisi umusa waKhe ukuthi ube nami. Qhabo, qhabo. Ngumusa waKhe kuphela ongisindisile. Hhayi ngoba ngishumayela iVangeli, ukuthi ngisindisiwe. Hhayi ngoba ukhuluma ngezilimi, ukuthi usindisiwe. O, qhabo. Hhayi ngoba wena, ngoba wena uyashumayela. Awusindisiwe ngisho ngoba nje uyashumayela. A—awusindisiwe ngoba ukhuluma ngezilimi. Awusindisiwe ngoba wenza noma yikuphi kwalezizinto. KwabaseKorinte bokuQala 13 bafakazela kanjalo,

"Noma ngingakhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, noma ngiqonda zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu (umshumayeli), noma ngenza konke *lokhu*, futhi ngibe nokukholwa okunqukula izintaba, angiyilutho luze uthando lungene, okuluthando." Uthando ngumusa. Umusa kaNkulunkulu owenza konke.

146 Abanye abantu, ninamakhono njengamanye alamakhosi ezomculo wokuzibinya. Lokho kuvele nje kungenze ngigule kwesami, angazi, okuphathelene nopheka nokudla ukudla okuhle kwami kokomoya. Ngizonitshela, ngenkathi ngizwa lomculo wokuzibinya uma ngoMgqibelo ebusuku futhi ucula lomculo wokuzibinya, futhi udanse ubusuku bonke, bese-ke ngokusa okulandelayo uze uzobukana nezethameli nezinto ezinjalo nakho uzame ukukwakha ubuso obude obuncono ukwedlula bonke, futhi ume lapho phambi kwabantu futhi ucule elinye ihubo, futhi bacabange ukuthi baya eZulwini. Bengingabiza amagama amaningi, kodwa angidingekile. Leteyipu iya ndawo zonke. Kodwa nonke niyazi. Umfana lapha kungekudala, eHollywood, wayengeke ange intombazane ngoba kwakuphambene ne "nkolo" yakhe. Kuphambene ne "nkolo" yakhe, futhi enze izithombe zomculo wokuzibinya nezinto eyihlazo, nezinto ezinjenga—njengalezo. Ucabanga ukuthi wawungathatha izinhlamvu zakho zesiliva ezingamashumi amathathu futhi wenze into ethize enhle kakhulu kunomusa kaNkulunkulu, Judasi? Ungeke uthenge lutho ngaphandle kwendawo yakho esihogweni!

147 Umusa kaNkulunkulu ungeke kuhwentshelwane ngawo, ngisho u. . .ngeke ufakelwe ekhonweni. Ngumusa obusayo! "Angizi nalutho ezingalweni zami, nginombela kalula esiphambanweni saKho." Ngihambaze, ngilimele, ngiza njengalokhu nje nginjalo.

> Njengalokhu nginjalo, ngingenasicelo,
> Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithekela mina,
> Nokuthi Wena ungibizela kuWe,
> O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza!

148 Yilokho kuphela, ngumusa owangiletha. Umusa wakwenza. Umusa unjenga, enye into engizothanda ukuyisho, ngezinye izikhathi umusa u. . .

149 Lamabandla amakhulu, acabanga ukuthi ungaya ezansi lapho, bacabanga ukuthi, "Awu, sakhe ibandla elikhulu kuwo onke edolobheni. Sinenhlangano esiza odade lapha eyenza abampofu. . .izimpahla zabampofu, futhi sizithumele phesheya kwezilwandle. Sondla abampofu. Senza konke *lokhu*."

UPawulu wathi, "Ngingenza into efanayo, futhi hhayi okunye."

150 Bathi, "Awu, thina, siyinhlangano endala. Sesibe lapha iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Sineminyaka engamakhulu ayisihlanu ubudala. UJohn Wesley, uAlexander

Campbell, nalababasunguli abakhulu emuva lapho, basungula ibandla lethu. Haleluya!"

151 Awu, uJesu Kristu wasungula leliBandla, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi wabatshela ukuba benyukele ePentekoste futhi balinde baze bemukele aMandla avela Phezulu.

152 Futhi usengalokhu ungowebandla lePentecostal futhi ulahleke. Ibandla lePentecostal alikho ngaphezu kwanoma yiliphi elinye ibandla. Kunjalo.

153 Into yakho ingukuthi, kunelilodwa kuphela iBandla, lelo yiBandla ozalelwa kulo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, "Ngokuba ngaMoya munye sonke sibhaphathizelwa eMzimbeni munye," kwabaseKorinte bokuQala 12:13, kunjalo, bokuQala—kwabaseKorinte bokuQala 12. Manje, sibhaphathizelwe kuleloBandla.

154 Kodwa abantu bacabanga ukuthi bengakwenza okuhle kakhulu. "Ngani, thina, nga—ngaya esikoleni futhi ngafundela ukwenza *lokhu*, futhi ngaya emakholeji futhi ngenze . . . " Lokho akusho nanto yinye. Ungeke uwuthenge umusa kaNkulunkulu.

155 Umusa kaNkulunkulu ukanjena. Ake nginitshele indaba, sengiphetha. Umusa kaNkulunkulu ukanjena. Ngesinye isikhathi kwakukhona inkosi enamandla, futhi lenkosi enamandla yayinendodana futhi kwakuyindodana yayo okungukuphela kwayo. Futhi ngolunye usuku umbulali ngamabomu wabulala lowomfana. Futhi kulowombuso kwaya amanxusa ezingela lowombulali. Ekugcineni bamthola lowombulali. Futhi ngenkathi bemthola, bambuyisa futhi bamvalela ejele. Futhi ngenkathi sebenzile, ukuthethwa kwecala kwahlelwa nesigwebo sakhishwa. O, kwakuyinto embi kakhulu. Wayebulele ngamabomu indodana yenkosi, futhi wayazi ukuthi yini eyayiza kuye.

156 Bambeka egunjaneni langaphakathi, bakhiya iminyango, bafaka izingidi kuwo ukuze kungabi namunye . . . onogada abalizungezile, ngoba siyazi ukuthi hlobo luni lwesijeziso esibi kakhulu lomfana ayezosithola, ngoba wabulala indodana yenkosi, eyasebukhosini, indodana yenkosi. Onogada babekwa bakaka ndawo zonke ngasemnyango. Wafaka emagunjaneni angaphakathi. Wayehhunduliwe, engenalutho ngaphandle kwe—kwendwangu yasokhalo ayigqokile. Futhi nango-ke lapho, ehleli lapho kulesosimo. Ebulawa yindlala, bengamniki lutho ukuba aludle. Wayehleli kulesosimo.

157 Ngakho base bemletha ngaphandle ekuthethweni kwecala. Wafunywana enecala futhi wafakazelwa ukuthi unecala. Isigwebo sakhishwa, ukuthi wayefanele ajeziswe ngaphansi kwesijeziso sokubulawa kabuhlungu kakhulu, wayemele abulawe ngama-intshi ize impilo yakhe efayo iphele. Wagwetshwa yijaji, wayemele afe. Futhi wancenga

futhi wakhala, futhi wathi, “Nakuba nginecala, nakuba nginecala, ngiyaxolisa ukuthi ngenza lokho. Ngifisa sengathi ngabe angikwenzanga. Ngiyaxolisa ukuthi ngakwenza. Ngesikhashana, ngolaka olunzima, ngakwenza. Ngangingaqondile ukukwenza ngaleyondlela.”

158 Ngolunye usuku inkosi yehlela endaweni, ukuyovakashela umfana, ukumtshela, ukuyokhuluma naye futhi amtshele ngokubulala indodana yakhe uqobo, indodana yakhe eyodwa ayenayo. Wambulala lowomfana. Wathi, “Ngiya ezansi ukuyokhuluma naye.”

159 Futhi ngenkathi ehlela lapho, wabuka emuva kulelokheji, njengesilwane esivalelwe ekhejini. Wabona umzimba wakhe omncane owondile ulele emuva lapho ekhoneni, ekhala. Ubuso bakhe bonke bupoqokele ngaphakathi, imihlathi yakhe ishwabanele emuva, amehlo akhe ashone le ngaphakathi, inkathazo yonke yayisemehlweni akhe, futhi umlomo wakhe wawumhlophe wu wonke; kungekho manzi, omile. Elele emuva lapho ngobuso bakhe, ekhala. Inkosi yathi, “Sukuma.” Wenyukela kuye, futhi yambuka. Yathi, “Uyibuleleleni indodana yami? Yini indodana yami eyakwenza kuwe na? Yini eyayenza ukuze ifanelwe ukufa okunje njengoba wayibulala, uyigwaza ukuba ife ngomkhonto na?”

160 Wathi, “Lutho, nkosi yami, ayikho nayinye into. Ubuhlaza bami nje, izindlela zami nje. Ngayibulala ngoba ngangginomona ngayo, futhi ngangenelwa ulaka futhi ngayibulala.” Wathi, “Manje ngimele ngife ngaphansi kobulungiswa bakho, mnumzane. Ngiyakuqonda lokho futhi kungifanele ukuba ngikwenze. Yinye into engiyikhalelayo, ukuthi nje ngiyaxolisa ukuthi ngabulala leyondoda yasebukhosini kanjalo, ngale kwesizathu.”

161 Inkosi yaphendula izithende zayo futhi yaphumela ngaphandle, yaphumela ngaphandle edeskini, yayisithi, “Bhubhisani onke amarekhode!” Niyazi, kufakeni olwandle lokukhohlwa. “Bhubhisani onke amarekhode! Mgezeni wonke, mhlanzeni wonke. Ngizomthumelela ingubo ende.”

162 Emva kwesikhashana, enkulu kakhulu ilimozini yashayelwa yenyukela emnyango. Ngenkathi seyenzile, ukhaphethi wendlalwa ngaphandle kwegunjana lasejele. Inkosi yama lapho ekugcineni kwelimozini, yathi, “Woza, ndodana yami, futhi ugibele uye ekhaya nami esigodlweni,” wayenengubo ende yenkosi emahlombe akhe. Wathi, “Kusukela manje kuya phambili sewuyindodana yami.”

163 Ngoba waba nokuhawukela, lowo ngumusa. Lowo kwakuyimi, lowo kwakunguwe. Sabulala iNdodana kaNkulunkulu, ngezono zethu. Sasingabafokazi, singcolile, senyanyeka, silele phakathi emagunjaneni ezwe. UNkulunkulu wasigeza ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo, futhi wasihlanza,

wasigqokisa ingubo ende kaMoya oNgcwele. Futhi manje inqola enkulu kaNkulunkulu iyobuya ime emnyango ngolunye usuku, futhi siyoya ekhaya ukuba sihlale naYe. Onke amarekhode abhujisiwe, singeke sisahlulelwa nhlobo; uyawashisa, Uwafaka olwandle lokuxolela futhi engasakhumbuli ngakho. Akumangalisi singacula!

Umusa omangalisayo! umsindo omnandi kangaka,
Owasindisa olusizi njengami!
Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
Futhi ngangiphuphuthekile, kodwa manje sengiyabona.

Kwaba ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukuba yesabe,
Ngomusa ukwesaba kwami kwakhululwa;
Kwaba yigugu kanjani ukuvela kwalowomusa
Ngehora ngiqala ukukholwa!

164 Ungeke wenza leli libeyihora lakho njengamanje, mngani oyisoni, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngezwi lomkhuleko na? Yenza leli kubeyihora lakho lapho uqale khona ukukholwa, njengamanje. Yenza isinqumo, futhi uthi, "Nkosi Nkulunkulu, nginecala. Ngiyaqonda ukuthi kuthatha umusa ukungisindisa. Ngingeke ngazisindisa. Ngilahlekile. Ngiphelile. Angeke nje ngikwazi ukwenza lutho nhlobo. A—a—anginalusizo ngokuphelele, anginathemba, ngaphandle kukaNkulunkulu, ngaphandle komusa, ngaphandle kukaKristu, emhlabeni, ngingumfokazi. Ungeke waba nomusa futhi ungikhiphe kuleligunjana lesono engikulo namhlanje, O Nkosi na? Futhi ubenomusa kimi, isoni." Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyilowomuntu odinga umusa waKho"? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, manje sengizokholwa"? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfowethu.

165 Omunye uthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule manje, o, mfowethu, ngicela wenze, ngomkhuleko." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. "Khulekela ukuthi . . ." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ngalapha ewidini. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, emuva lapho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ngalapha, nalona omunye. "Ngikhumbule, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise mfowethu lapho. Yebo, omunye lapha. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise lapha, mfowethu. Uyakubona manje. Kusho ngeqiniso lokho. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Uyabona, uyazi. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dade oyeme ngobonda. UNkulunkulu akubusise ezansi lapha, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu emuva oweyeme ubonda.

Njengoba nginje, ngaphandle . . .

Angabakhona omunye na? UNkulunkulu akubusise. Ngibona isandla sakho emuva lapho.

Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,

Yebo, Nkosi. UNkulunkulu akubusise, dade.

Futhi lokho . . . (UNkulunkulu akubusise, dade.) . . . Wena uyangibiza . . . (UNkulunkulu akubusise, emuva le lapho . . . ? . . . ) . . . Wena,
Umusa, umusa, Ngi . . . (UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane.) . . . Ngiyeza!

Njengoba nginje nje, futhi ngingalindile
Kukhulula umphefumulo wami ebaleni linye elimnyama,
KuWe, iGazi laKhe elingahlanza ichashaza ngalinye,
O Wundlu lika . . . (umusa, o, umusa) ngiyeza! ngiyeza!

166 Manje, sekube nezandla eziya eshumini nanhlanu noma amashumi amabili eziphakamayo. Manje namakhanda enu ekhotheme, ngizocela kini nina eniphakamise izandla zenu, ngokuthula manje sukumani nime ngezinyawo zenu ngisaninikelela umkhuleko. Asinandawo lapha phezulu e-altare. Kungukuthi nje, angikwazi. Manini ngezinyawo zenu, bonke laba abaphakamise izandla zabo, enifuna ukukhulekelwa manje. Sukumani nime nje ngezinyawo zenu khona manje ngisanikela umkhuleko. Sukumani nje nime ngezinyawo zenu, yonke indawo.

. . . chithelwa mina,
Nokuthi . . .

Lokho kukahle, uNkulunkulu akubusise . . . ? . . .

. . . mina ngiza kuWe,
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza!

167 Khumbulani, kungahle kube nosuku lapho umusa ungasayi kubakhona, ungasayi kukuvamele nhlobo, kuyobe sekwedlule isikhathi kakhulu. Manje isikhathi asikedluli kakhulu.

168 O Nkulunkulu, Baba weNkosi yethu uJesu Kristu, Owaletha futhi uMsindisi wethu ekufeni, manje uyaphila, Yena OseNkazimulweni ngobukhulu, uthumela uMoya oNgcwele kaKristu phezu kwethu, ukuletha isigwebo esonini. Nkulunkulu, ngikhulekela lababantu abami ngezinyawo zabo. Kuliqiniso, Nkosi. Wathi, "Lowo oyofakaza ngaMi phambi kwabantu, naye Ngiyofakaza ngaye phambi kukaBaba Wami neziNgelosi ezingcwele." Siyazi, uma sima kulokho kusa kokwahlulela okukhulu, yeka isikhathi okuyoba yiso. Bamile manje, Nkosi, ngakho izono zabo zizohamba phambi kwabo;

izono zabanye abantu ziyalandela. Lababantu bami lapha kulokhu ukusa ngoba bavuma izono zabo, bazi ukuthi benze iphutha futhi bafuna Wena njengoMsindisi wabo. Hlola amatomu ezinhliziyo, futhi Wazi konke ngabo.

169 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobapha izicelo zabo. Basindise. Bayizindebe zomklomelo zaloMlayezo omncane kulokhu ukusa, womusa kaNkulunkulu; kungenandaba ukuthi senzeni, usalokhu ugoba futhi usithole. Siphe khona, Nkosi. Yipha umusa kulezizinhliziyo. Kwangathi bangahlala njalo bebona uJesu njengoMsindisi wabo. Basenzile isenzo. UMoya oNgcwele ubatshele ukuba bame, futhi bakwenza. UMoya oNgcwele wabatshela ukuthi bame. Futhi bona, ngokulalela uMoya, bama.

170 Manje, Nkosi, Wena gcina iZwi laKho. Wathi, "Akekho umuntu ongeza kiMi ngaphandle uma uBaba Wami emdonsa kuqala. Futhi konke lokho uBaba aNginike khona, kuyoza kiMi. Lowo ozoza kiMi, Ngingeke nakanye ngimlahlele ngaphandle. Lowo ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayi kungena neze ekwahlulelweni kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngakho-ke, Nkosi, phezu kwezisekelo zalemiBhalo, lawo ngamaZwi aKho uQobo, Nkosi, lawo esiwafunda kuJohane oNgcwele 5:24, "Lowo ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, usevele!" Ngani? Ngoba ukholiwe, umusa umvakashele. "Usevele ungene ekuPhileni okuphakade, futhi angeke aye ekwahlulelweni (uyohamba phambi kokwahlulelwa), futhi angeke aye ekwahlulelweni kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." O Nkulunkulu, siKubonga kanjani pho ngalokhu!

171 Siyakhuleka manje ukuthi Uzobagcina empilweni. Kwangathi bona, bonke, babhaphathizwe, bebiza eGameni leNkosi, uhlanze zonke izono zabo. Siphe khona, Nkosi.

172 Manje ngibethula kuWe, njengenceku yaKho, ngikholwa ukuthi iNgelosi enkulu kaNkulunkulu Eyabonakala ezansi lapho. Futhi, Baba, Uyayazi yonke leyondaba, naleyoNgelosi enkulu eyabonakala lapho ngoLwesihlanu ekuseni, nje ngovivi, futhi yakhuluma lamaZwi, esimeni sothingo lenkosazana oluthathu luvela esicongweni sentaba. Nkosi Nkulunkulu, makuthi lowoNkulunkulu Obonakale kimi lapho othingweni lenkosazana, Makasindise lababantu, ngomusa waKhe, khona manje nje. Ngibanikela kuWe, ekulindeleni Wena ukuba ugcine iZwi laKho, futhi Uzokwenza, futhi ngizohlangana nabo ngalelolanga elikhulu, bengenabala nambimbi emphefumulweni wabo. Siphe khona. EGameni likaJesu, ngibanikela Kuwe. Amen.

173 UNkulunkulu anibusise. Manje nisahlezi phansi, noma ngubani ohlezi eduze kwalabo bantu ongumKristu, axhawula

isandla sabo. Batshele, bamemele ebandleni, futhi kungaba yini enye, abangaba yikho . . . O, Akamangalisi na?

Umusa omangalisayo! umsindo omnandi kangaka,
Owasindisa olusizi njengami!
Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholakele,
Ngangiphuphuthekile, kodwa manje sengiyabona.

Kwaba ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
Futhi ngomusa ukwesaba kwami kwakhululwa;
Kwaba yigugu kanjani ukubonakala kwalowomusa
Ngehora ngiqala ukukholwa!

Ukholiwe na? Uma ukholiwe, phakamisa isandla sakho.

O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
Ngoba Wang'thanda kuqala.

Ngenkathi silapho iminyaka eyinkulungwane eyishumi,
Sikhazimula sikhanya njengelanga;
Asisenazinsuku ezisele ukucula indumiso kaNkulunkulu (makabongwe uNkulunkulu!)
Kunangenkathi siqala.

174 NiyaMthanda na? Manje, Akamangalisi na? Manje . . .

Uma . . .

Sisacula lokho futhi, ngifuna nixhawulane noseceleni kwakho, ngokuthula impela uthi, "UNkulunkulu akubusise, mhambi." Impela kamnandi futhi nangobungcwele manje.

Ngenkathi si . . . [UMfowethu Branham nebandla bayaxhawulana—Umhl.] . . .? . . . Indumiso kaNkulunkulu
Kunangenkathi siqala.

Es'phambanweni, es'phambanweni lapho engaqala khona ukubona ukuKhanya,
Nomthwalo wenhliziyo yami wagingqwa wasuswa,
Kwakuyilapho ngokukholwa ngemukela ukubona kwami,
Futhi manje ngijabula usuku lonke!

O, es'phambanweni, es'phambanweni lapho ngaqala khona ukubona ukuKhanya,
Nomthwalo wenhliziyo yami wagigqwa wasuswa,
Kwakuyilapho ngokukholwa ngemukela ukubona kwami,
Futhi manje ngijabula usuku lonke!

Anijabule na?

Ngijabula kakhulu ukuthi uJesu uyangikhulula,
Ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wangikhulula,
O, ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wangikhulula,
Ngicula, udumo, Haleluya, uJesu wangikhulula.

O, ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wangikhulula,
O, ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wangikhulula,
O, ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wangikhulula,
Ngicula, udumo, Haleluya, uJesu wangikhulula.

175 AniMthandi na? Akamangalisi na? O, ngicabanga nje ukuthi Uyamangalisa. Manje, cabangani nje, ukuthi leliBhayibheli liyiQiniso laKhe, futhi leliBhayibheli lifundisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngifuna ukunibuza okuthize. Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade. . .Nkulunkulu ngixolele ukusho igama elingukuthuka okungcwele, "uma," kodwa Unguye. Kodwa uma Enguye, ngizokubeka kanjalo, ngakho hlobo luni loMuntu Abengaba yilo na? Angafana njengoba Wayenjalo.

176 Manje, kunento eyodwa eyehlukile kuYe njengoba elapha kulokhu ukusa kunangesikhathi Wayephakathi kwabantu baseGalile, lokho bekungaba ngumzimba waKhe uQobo wenyama, umzimba waKhe wenyama; ngoba lowo wavuswa (niyakukholwa lokho na?), uhlezi ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu, ophila njalo ukwenza ukunxusela ekuvumeni kwethu. Khumbulani, Angeke asenzele nayinye into size kuba kuqala semukele Yena futhi sikholwa ukuthi Ukwenzile, futhi sisho ukuthi Ukwenzile, ngokuba UnguMpristi oMkhulu onga. . .UnguMpristi oMkhulu enza ukunxusela ekuvumeni kwethu.

177 Manje iningi lenu bafundi beBhayibheli nithi Lokho ngukuthi "ukuphumisela." Futhi *ukuphumisela* noku*vuma* igama elifanayo. Niyabo? "Wenziwa umPristi oMkhulu,"

eNcwadini yamaHebheru, isahluko se 3, "manje wenza ukunxusa phezu kokuvuma kwethu." Ngakho angeke Enze lutho size sivume kuqala ukuthi Ukwenzile. Niyabo, wehlela lapha ealtare futhi ukhuleke ubusuku bonke, kungakwenzeli nokuncane okuhle uze ukholwe ukuthi Uyakuxolela, bese-ke uyasukuma. Ngakho-ke ukukholwa okungakho onakho, yilapho lapho u. . . Wake waphila kanye ezansi le *lapha* enkucunkucwini yesono. Manje, nina abancane abaphendukile, manje niyakholwa ukuthi nisindisiwe, anikholwa na? Ngakho yenyukelani phezulu *lapha*, nenyukele phezulu kancane. Yini eyenza lokho na? Ukukholwa kwenu, ngoba uyakholwa ukuthi ungumKristu manje, uzophila ngaphezu kwaleyonto manje. Niyabo? Manje uma nifuna ukwenyukela phezulu kancane, yibani nokukholwa nje okwengeziwe, ngoba akunamkhawulo, qhubeka nje.

178 Awu, o, okungeke kwenzeka kungenziwa kuphatheke. Zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo. Kunjalo. "Uma uthi kulentaba, 'nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushoyo kuyafezeka, ungaba nakho okushoyo."

Manje uJesu Kristu uhlala ebantwini.

179 Ngolunye usuku uKristu wayeseNsikeni yoMlilo, Loyo eniyibone ithathwa, sikholelwa ukuthi InguJehova uNkulunkulu. Yilokho iNgelosi ebizama ukukuletha kithi. Manje, WayesebuBabeni ngalesosikhathi, WayenguBaba kaIsrayeli, isizwe.

180 Wase-ke Efika futhi wakha phakathi kwabantu baKhe, njengoKristu, iNdodana. Ngabe kunjalo na? UKristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu.

181 Manje UnguKristu, uMoya oNgcwele, okuluGcobo. U*Kristu* uchaza ukuthi "ogcotshiwe," futhi Ogcotshiwe phezu kwabantu, uKristu enathi, uMoya oNgcwele. NguKristu enathi, phakathi kithi. Niyakukholwa lokho na? Yibani nenhlonipho yokuzithoba nje umzuzwana, nithule. Manje ngabe Usenguye na?

182 Ngiyakholwa esikhashaneni esedlule ngithole ucingo, futhi lathi abantu bebehilizisana ngezitulo nezinto ezansi lapha. Sizokhuluma ngalokho kamuva kwenye inkonzo yebandla. Ngimtshelile uBilly lapho-ke, uma bebezokhulekela abagulayo, uma bekunabaningi kangako ezansi lapho, ukuba babanikeze amakhadi okukhulekelwa. Wathi ubezokwenza. Ngiyacabanga ukuthi ukwenzile.

183 Kulezizinyanga ezimbili noma ezintathu ezedlule, kusukela komunye umcimbi othize wento ethize eyenzeka, inkonzo yafika endaweni lapho kwaze kwaba yathi ukuphuma kancane esandleni sami. Babenokukubona lokho kuhlukaniswa komoya nokunye nokunye, ukuthi kwakukhuluma kanjani futhi kutshele abantu, nje ncamashi njengoba iNkosi yethu yenza ngenkathi

Iselapha emhlabeni. Nonke nikubonile, ngiyacabanga. Bangaki lapha abangakaze bakubone noma abangakaze bakubone nhlobo kusebenza na? Ake sibone izandla zenu, abangakaze bakubone. O! Abakaze bakubone kusebenza. Awu, kuneqembu phakathi lapha elingakaze likubone, ngiqagele izihambi. Asibazi ukuthi abantu bavelaphi.

184 Leli yitabernakele elingakhethi-hlelo. Asimelene namahlelo, kodwa si—asisibo abalo futhi. Sibayekela nje bazihambele ngeyabo indlela. Siyakholelwa ekuthatheni abantu . . . Uma befuna ukubuyela emuva ehlelweni, kulungile, inqobo uma bephila impilo yobuKristu. Nje si—siyiteshi nje sokusindisa umphefumulo lapha. Yilokho inkonzo yami eyikho kubona.

185 Manje, kodwa ngiyakholwa ukuthi iBhayibheli liyafundisa, kumaHeberu 13:8, ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, uma Enguye . . . Manje lapho nonke nisahlezi nithule ngempela nje umzuzu, ngifuna ukukhuluma nani nje ngokuphuma enhliziyweni yami, sizobeke sesiba nenkonzo yokuphilisa. Ngifuna ukunibuza into ethize. Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, ngakho-ke Wenza kanjani . . . Indlela kuphela esingasho ngayo-ke, uma EnguMoya, Uzokwenza ngokufanayo njengoba Enzile izolo. Kunjalo na? Uyokwenza ngokufana njengoba Enzile izolo. Wenze kanjani izolo na?

186 Ngabe Ubehlukile kunoma yimuphi omunye umuntu na? Ungumuntu nje, wabukeka njengomuntu. Wayengumuntu. Wazalwa, Wayengumuntu. Wayenenyama neGazi. Wahlupheka, Wabubula, Wedlula ezilingweni. Wayengumuntu. Kunjalo, akunjalo na?

187 Kodwa yini eyaMenza uNkulunkulu na? Yingoba uMoya kaNkulunkulu wawukuYe. WayenguMesiya ogcotshiwe. Futhi bazi kanjani ukuthi Wayenguye na? UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyonivusela umprofethi onjengami. Futhi kuyokwenzeka ukuthi lowo ongayikuzwa lomProfethi uyonqunywa phakathi kwabantu." Manje, Wayengumprofethi. Ngakho-ke ngabe uIsrayeli wayefuna umprofethi na? Babefanele, uma babefuna uMesiya. Futhi uMesiya uyoba ngumprofethi.

188 Manje ake nje sedlule kukho umzuzwana nje, imizuzwana embalwa nje, futhi lalelisisani. Manje, gcinani ingqondo yenu kuNkulunkulu, ngoba asazi ukuthi uNkulunkulu angenzani, angazi ukuthi Uzongitshela ukuba ngenzeni.

189 Ngiyazi ukuthi sinesiphiwo sobuprofethi ebandleni. UMfowethu Neville, uyabaprofetha abantu, okuyinto ekahle. Siyakuthakasela lokho. Besibhekisela kulokho sonke isikhathi. Sinabanye lapha abakhuluma ngezilimi. Asikholelwa ukuthi abantu kumele bakhulume ngezilimi ukuze babe noMoya

oNgcwele. Akukho-mBhalo onjalo wento ekanjalo. Kodwa siyakholelwa ukuthi kunesiphiwo sikaMoya oNgcwele esikhuluma ngezilimi, sinaso ebandleni lethu. Kodwa sibenza . . . Asiqhubeki silokhu siqhubeka. Sikholwa ukuthi YiPhimbo likaNkulunkulu. Sikhuluma uma uMoya oNgcwele ekhuluma, futhi sivumela lokho kuze kathathu. Futhi kumele kube . . . kungeke kube ngesikhathi ngisashumayela noma ngokuhleleka, ngoba umoya wabaprofethi uthobela umprofethi. Niyabo? Kufanele kuphathwe ngokwelungelo leBhayibheli. Akekho ongathi ayikho into enjengesiphiwo sikaMoya oNgcwele nokukhuluma ngezilimi. Siyakwazi lokho. IBhayibheli liyakufundisa, futhi siyakholelwa kulokho. Futhi sibonga uNkulunkulu ukuthi sinakho ebandleni lethu lapha! Sineziphiwo zokuprofetha, zona kuqala zimele zihlolwe futhi sibone ukuthi zilungile noma qhabo, bese-ke kuba isiphiwo sokuprofetha.

190 Bese kuthi-ke kunomprofethi. Manje, lokho, manje ungena esikhundleni.

191 Lezo ziphiwo, lezo zi, ukukhuluma ngezilimi, nokuhunyushwa kwezilimi, nolwazi, nenhlakanipho, nokuhlukanisa umoya, nokunye nokunye. Zonke lezo ziyiziphiwo.

192 Kodwa-ke bese kuba nezikhundla ezinhlanu. Esokuqala abaphostoli, abaprofethi, othisha, abavangeli, nabelusi. Lezo yizikhundla ezigcotshiwe zikaNkulunkulu. Abantu bayaziphatha, niyabo. Azisizo, angeke . . . Ungeke uzifise, ungeke uzikhulekele; zinikezwa ngokubusa, uyazalwa.

193 Umprofethi akabi ngumprofethi uma umuntu othize ebeka izandla kuye futhi amenze umprofethi. Umprofethi uyazalwa evela esibelethweni sikanina, ungumprofethi, niyabo, ngakho uhlala njalo engumprofethi. Niyabo?

194 UNkulunkulu watshela uJeremiya, wathi, "Ungakabi ngisho sesizalweni sikanyoko," wathi, "Ngakwazi ngakungcwelisa futhi ngakugcoba ukuba ube ngumprofethi wezizwe." Kunjalo. Niyabo? UMose, ngaphambi kokuba azalwe, wayengumntwana okahle. Wayengumprofethi weNkosi. Bonke abanye abavelayo. UKristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, kusukela ensimini yase-Edeni. Kunjalo. Niyabo, iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.

195 Kodwa iziphiwo zinikezwa uMzimba. Manje siyakuqonda lokho, siyaziqonda zonke leziziphiwo.

196 Manje ake sibone ukuthi uJesu wayeyini phakathi kwethu, sibone ukuthi Wayeyini emuva lapho. Siyathola ukuthi ngenkathi okokuqala Eqale inkonzo yaKhe . . . Manje, lalelisisani, sihambi. Ngenkathi okokuqala Eqale inkonzo yaKhe, kuJohane oNgcwele, isahluko 1, siyathola ukuthi emva kokuba Esebhaphathiziwe, emva kokuba Efika . . .

Wazalwa futhi waba neminyaka engamashumi amathathu ubudala, Wabhaphathizwa nguJohane. UMoya oNgcwele wehla njengejuba futhi wehlela kuYe, lase-ke iPhimbo lifika lase lithi, "Lena iNdodana yaMi ethandekayo kuYo . . ." ElesiGreki langempela lasekuqaleni lathi, "ENgithokozile ukuhlala kuyo." Lathi, "ENgithokozile, Engi—ENgithokozile ukuhlala." Kodwa, niyabo, lokho kuzwakala ngathi kuyaphambana kithi, nesenzo ngaphambi kwesandiso, kodwa empeleni kungukuthi, "ENgithokozile ukuhlala kuyo." Isizathu, uKristu, uNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisela umhlaba kuYe uqobo. Siyakwazi lokho.

197 Manje, masinyane Waya ehlane izinsuku ezingamashumi amane, walingwa ngudeveli. Wayesevela-ke nenkonzo yaKhe, waqala ukukhulekela abagulayo.

198 Futhi emva kwesikhashana, kwaqhamuka indoda okuthiwa nguSimoni Petru, umdobi omdala, ongafundile, wayengakwazi ngisho nokubhala igama lakhe. UAndreya wamtshela ngaloMfo amkholwa ukuthi unguMesiya. "Umbhedo!"

199 Wakhuphukela kuYe. Futhi kwathi masinyane nje engenyukela eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana yaJonase." Wazi ukuthi kukhona okwenzekile. Wazi ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi kwaMthokozisa ukuba amnikeze izikhiye zoMbuso, wamenza inhloko yebandla.

200 Kwakunomfo owayemi lapho, igama lakhe kunguFiliphu. UFiliphu wakubona, futhi wacabanga, "Kuyamangalisa! Ngazi indoda engumfundi weBhayibheli, uhlala emamayeleli ayishumi nanhlanu ngale kwentaba. Ngizogijimela ngale futhi ngimtshele. Igama lakhe nguNathanayeli."

201 Wagijimela ngapho ngokushesha impela ngalelolanga. Ngokusa okulandelayo wafika lapho, mhlawumbe ekuphumeni kwelanga. Wagijimela phezulu futhi wangqongqotha emnyango. NoNkk. Nathanayeli wathi, "Awu, ulapho ngaphandle esivandini sezithelo ngaphandle lapho, Filiphu." Umngani wakhe, waya ngaphandle lapho, futhi wayeguqe ngamadolo akhe, ekhuleka. Masinyane nje lapho esukuma ekuguqeni kwakhe, uFiliphu wathi, "Woza, ubone engiMtholile! UJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

202 Manje lona ongowenkolo, umhlonishwa omkhulu odumile wathi, "Kukhona yini enhle engake ivele eNazaretha na?" Wamnika esihle isicaphuno, into enhle, wathi, "Ungahlali ekhaya futhi uyigxeke, ungahambi ukhuluma ngayo. Woza nje, uzibonele wena. Woza, ubone! Woza nje, uthole ukuthi kukhona yini noma ngabe yini enhle engaphuma eNazaretha."

203 "Usho uMesiya na? Ngani, uMesiya uyoza, Uzokwehla, futhi ezansi kwi . . . Ovulande baseZulwini bayokwehliswa, Uyophumela ngqo esigodlweni. Uyoza ngqo enhlanganweni

yethu enkulu." Basalokhu becabanga lokho, niyabo, kumele kuze enhlanganweni yabo. "Uzokuza ngqo enhlanganweni yethu, ehle ngqo phezu kwemipheme yesigodlo lapho. Futhi Uzophumela ngaphandle emagcekeni futhi enyukele ngqo phezu kwesihlalo sobukhosi, futhi enyukele endaweni eNgcwele-ngcwele, bese ethi, 'NginguMesiya.'" UMesiya akezi neze kanjalo. UMesiya uza lapho Afuna khona. Uyazibusa, Wenza njengoba Ethanda.

Wathi, "Awu," wathi, "woza ubone! Woza, uzibonele."

204 Musa ukuma ngakhona bese uthi, "Angikholelwa kuleyonto yomgingqiki ongcwele." Vele uze, uthole ukuthi kukhona noma yini ngaKho.

205 Ngakho yena, ngale komgwaqo, ngiyabezwa bekhuluma. Ake, ningathanda ukuzwa ukuthi babekhuluma ngani na? Ake silalele futhi sibone ukuthi bathini. Ngiyakholwa, behamba eceleni komgwaqo, niyazi, uFiliphu wathi, "Uyazi, Nathanayeli, ngiyazi ukuthi ungumfundi weBhayibheli, ngakho ngifuna ukukubuza okuthize. Sibheka uMesiya, asimbheki na?"

206 "O, yebo, sisondela ezinsukwini zokugcina zalesisizukulwane nalesi, ngiyakholwa ukuthi lesisizukulwane sizombona uMesiya." Manje lalelani. "O, kodwa nakhu lapho esikhona, asisiso ngisho nesizwe, sonke sisahlakazeke phakathi kwabantu. Singakwenza kanjani na? Konke lokhu!" UNkulunkulu uza ngehora ongalicabangi. Yilapho Eba khona.

207 Wathi, "Kodwa, linda umzuzu, hlobo luni lomuntu loMesiya azoba yilo na?"

"O, uMose, uthisha wethu, wasitshela ukuthi Uyoba ngumprofethi."

208 "Ngizokutshela ngaloJesu waseNazaretha. Uyamkhumbula lowomdobi omdala owayengazi lutho owathenga kuye inhlanzi ngalesiyasikhathi, waletha, wathenga kuye, futhi wayengakwazi nokusayina irisidi, wayengenayo imfundo eyenele na?"

209 "Ya! O, o, yebo, e-hhe. UJonase nomfana kaJonase. Ya, ngathenga kuJonase, nami."

210 "Awu, manje, uyazi ukuthini? UPetru weza ngalapho . . ." Noma uSimoni, njalo, igama lakhe lalinguSimoni ngalesosikhathi. Wathi, "USimoni weza lapho emhlanganweni waKhe. Futhi wangakhuphuka nesikhashana nje, yena . . . Uyakhumbula ukuthi uSimoni wayevame kanjani ukusitshela ukuthi ubaba wakhe wamtshela ukuthi 'Ningakhohliswa, ngoba kuzoba nabaningi abaprofethi bamanga ngaphambi kukaMesiya wangempela.' Futhi lelo yiqiniso. 'Eminingi imilayezo yamanga izohamba ngaphambili.' Kodwa wathi, 'Niyokwazi uma uMlayezo wangempela ufika, ngoba, khumbulani, thina maJuda sikholelwa ekutheni loMesiya uzoba ngumprofethi.' Siyabakholwa abaprofethi bethu."

211 Buza umJuda manje. UIsrayeli, uma bethatha leloBhayibheli khona lapho manje, baqhamuka enhla e-Irani nezinto, bayaLifunda. Bathi, "Uma lowoJesu wayenguMesiya, ake siMbone enza isibonakaliso somprofethi, sizoMkholwa." Yebo, mnumzane. Bayabazi labobaprofethi ukuthi baneqiniso.

212 Ngakho uNathanayeli kungahle ukuba wathi, "O, ngiyakholwa ukuthi uMesiya uzoba ngumprofethi, ngoba uMose wathi, 'INkosi uNkulunkulu wethu iyovusa umprofethi.'"

213 "Awu, ngenkathi esabone ukuthi, ukuthi uSimoni lowo akhuluma ngaye, Wathi, 'Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana yaJonase.' Hhayi kuphela ukuthi Wamazi, kodwa Wamazi lowobaba wakhe omdala owesaba uNkulunkulu ongumFarisi."

"A! Angikukholwa lokho. Sewuhambe wakhalakathela ekugcineni okujulile."

214 Wathi, "O, qhabo, angikaze! Woza, uthole. Woza, ubone! Woza!" Beqhubeka ngomgwaqo, bahamba.

215 Ekugcineni wenyukela eBukhoneni lapho uJesu wayekhona, mhlawumbe emi ngaphandle ezethamelini ndawanathize. UJesu emi lapho, eqalaza. Emva kwesikhashana Wabuka ngaphandle, futhi Wabona uNathanayeli emi ngaphandle lapho, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Lokho kwakhipha isitashi kuye. Lokho kwavulela umoya waphuma koseyili. "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

216 "Lowo nguNkulunkulu," wathi. "Rabi," okusho ukuthi *mfundisi*, "Rabi, Uke wangazi nini na? Angikaze ngihlangane naWe ngaphambili, ngiyisihambi kulelibandla, angikaze ngibe lapha ngaphambilini. Uke Wangazi kanjani na?"

217 Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona."

218 Lowo kwakunguJesu izolo. Ngabe kunjalo na? Uma Enguye, Unguye nanamuhla. Ake sithathe esinye isizwe sabantu. Kwakunesizwe sabantu . . .

219 Kwakunezintathu kuphela izizwe zabantu, futhi labo kwakungabantu bakaHamu, uShemu noJafethe. Niyabo? Lokho yikho ncamashi. Yilapho, ePentekoste, lapho iVangeli laya kumaJuda, lase liya nakumaSamariya, futhi lase liya-ke kwabeZizwe. Niyabo, abakaHamu, uShemu, nabantu bakaJafethi, i—izizwe ezintathu. Manje, kunezizwe ezimbili zazo ezibheke uMesiya; hhayi thina abeZizwe. Sasinesagila emhlane wethu, sasingabahedeni, sikhonza izithixo; kodwa hhayi—hhayi uHamu noShemu.

220 Manje, kunesinye manje, e—esinye isizwe kwakungamaSamariya, okwakunguhhafu weJuda noweZizwe, okwabangelwa ngukushada kwesono kwaKora lapho, futhi baphambuka. Futhi babekholelwa kuNkulunkulu, babebheke

uMesiya. Ngakho uJesu wahamba, Wazethula kabusha phambi kwabo. Weza kumaJuda, abaKhe uQobo, kodwa kwakuswelekile ukuba Edlule ngaseSamariya. UJohane oNgcwele 4, nake namfunda na? Futhi kwakuswelekile ukuba Edlule ngaseSamariya. Ngakho Ufika emzini waseSikari, ngakho Wavele wathumela abafundi baKhe ukuba bayothenga umphako. Futhi besahambile . . .

221 Uma wake waba lapho, yindawo eyithafa, umthombo, kunesigwedlo somuzi, njenga, lapho bevulela amanzi aye phansi. Niyazi, abesifazane bayeza futhi bathathe izigwedlo bese bephosa phansi ibhakede, bakhe amanzi, bawathwale ekhanda labo. Futhi manje abesifazane besimilo esibi, abesifazane ababi, babengezi nabesifazane abalungileyo. Babeza ukuhlanganyela ndawonye ngalezozinsuku. Owesifazane owayemubi, wayehlala neqembu lakhe. Hhayi namhlanje; bonke bandawonye, kodwa bavele nje . . . kodwa bona, kunjengokukhipha nje okwangaphakathi kweqanda, ukwenza konke kube ukukhanya okubomvu, niyabo. Ngakho-ke, ba, ngakho lokhu kugcwala . . .

222 Owesifazane onesimilo esibi uphumela lapho, ngezikhathi zokugamanxa kwehora leshumi nanye noma kusele ingxenye yesigamu kushaye ihora leshumi nambili, cishe ngalesisikhathi sosuku, uza uyahamba phandle lapho ukuzokha ibhakede lamanzi. Futhi wabeka i . . . wafaka i . . . Ngiyambona efaka okuphenduphendukayo okudala lapha nesigwedlo, ukwehlisela phansi phakathi emthonjeni, ukuthola ibhakede lamanzi. Futhi nje ngaso lesosikhathi eqala ukuliphakamisa, wezwa umuntu othize ethi, "Sifazane, Ngiphe amanzi." Futhi wabuka ngale futhi kwakunomJuda. Manje, babengadlelani omunye komunye.

223 INdoda ephakathi nendima yempilo, Wayecishe abe namashumi amathathu. Kodwa iBhayibheli lathi Wayebukeka enamashumi amahlanu, niyakwazi lokho. Wathi, "Uthi Wabona uAbrahama, futhi Ungumuntu ongakevi emashumini amahlanu ubudala." Wayenamashumi amathathu kuphela. Niyabo? Wathi . . . Ngicabanga ukuthi inkonzo yaKhe yase iMdake kancane nje. Ngakho wathi, "Uthi Ubone uAbrahama, manje siyazi ukuthi Unodeveli."

224 Wathi, "Engakabibikho uAbrahama, NGIKHONA." Niyabo, UnguNkulunkulu ka-Abrahama. Impela, Wayenguye. Wathi, "Engakabibikho uAbrahama, NGIKHONA." Impela.

225 Futhi manje, nango Yena ehlezi emthonjeni, Wathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

226 Wathi, "Kuphambene nesiko. Asidlelani lapha." Njengoba babekwenza eNingizimu, ngabangamakhaladi nabamhlophe, niyabo. Wathi, "Asidlelani lapha. Kuphambene nesiko ukuba Wena ucele mina, Wena (iJuda) ucele mina (owesifazane waseSamariya) ukuba ngikwenzele noma yiluphi ufefe, noma yini. Akukho ukusebenzisana komunye nomunye."

Wayengowesifazane omncane oyisifebe, niyazi. Ngakho, mhlasimbe owesifazane omncane omuhle. Futhi wayemi lapho, mhlawumbe izinwele zakhe ezisongelene zehla ebusweni bakhe, niyazi, futhi wayengaphandle ubusuku bonke. Futhi—futhi ngakho wathi, futhi wathi, "Kuphambene nesiko ukuba Wena ucele mina, owesifazane ongumSamariya, okunjena."

227 Wathi, "Sifazane, ukube bewazi ukuthi Ngubani obekhuluma nawe, nawe bewazi ukuthi Ngubani obukhuluma naye, bewuzocela kiMi okuphuza." Lowo nguMesiya izolo, niyabo. "Bewuzocela kiMi okokuphuza, Bengizokunikeza amanzi ungabe useza lapha ukuzokha."

228 "Ngani," wathi, "umthombo ujulile, futhi akukho Ozowakha ngakho, kepha uzongipha amanzi na?" Wathi, "Ubaba wethu uJakobe!" Niyabo, wayengumSamariya, kodwa wabiza uJakobe ngobaba wakhe, naye. "Obaba bethu, uJakobe waphuza kulomthombo, izinkomo zakhe, umndeni wakhe. Kepha nokho Uthi Unamanzi edlula lawa?" Wathi, "Wena uthi 'khonza,' Wena ungumJuda, Wena uthi 'iJerusalema.' Thina sithi kulentaba."

229 Wathi, "Sifazane, isikhathi siyeza, futhi manje sesifikile, ukuthi labo abakhonza ngeqiniso bazokhonza uNkulunkulu ngoMoya, ngoba uNkulunkulu unguMoya." Niyabo? "UBaba ufuna abanjalo ukwenza kanjalo."

Wayenzani na? Wayekhuluma naye, ukuthintana nomoya wakhe. Niyabo? Manje, khumbulani, kumele Abe nguMesiya, phambi kwalawo maSamariya. Futhi ngokuqondile ngqo Wathola inkathazo yakhe. Bangaki abaziyo ukuthi yayiyini na? Impela. Wayehlala nendoda yakhe yesithupha.

Ngakho, niyabo, kuliphutha uma unendoda ephilayo, ikhona, no—nokunye nokunye, futhi uphume. Futhi nje nganoma yisiphi isizathu, ulahle unkosikazi, futhi umshade, uphinde uhambe uyoshada nomunye, ushade nomunye, ushade nomunye, anifanele ukwenza lokho. Ngakho Wathi, yena . . .

Ngakho-ke owesifazane, ngiyacabanga wayehlala nabo ngaphandle kokushada nabo. Angahle ukube wayengakaze ashade nabo. Angahle ukube wayengakaze ashade sanhlobo nje. Ngakho washo yonke leyonto ezimbi, niyazi, wenza zonke lezizinto embi.

Ngakho lapho Esami lapho, embuka ka*njalo*, Wathi, "Hamba, uNgiphuzise." Futhi wathi . . . "Kodwa ukube bewazi ukuthi Ngubani obukhuluma naye, bewuzocela kiMi okokuphuza. Bengizokulethela amanzi obungeke uze . . . Bengizokunika amanzi, ungezi lapha ukuzophuza." Wayesethi-ke, "Hamba, ulande indoda yakho uze nayo lapha."

Wathi, "Mnumzane, anginandoda."

"O," Wathi, "usho kahle. Ubenamadoda ayisihlanu, futhi nalena onayo manje akusiyo indoda yakho. Kulokho usho

kahle." Yena owesifazane, walalela, lowo wesifazane...Manje ngenkathi i...

AMbiza ngokuthini amaJuda ngenkathi beMbona enza lokho na? Ngabe aMqonda njengoMesiya na? Qhabo. Bathi Uyini na? "UBelzabule, umbhuli," bathi, "lawomandla ayenguBelzabule." Futhi babiza uMoya kaNkulunkulu, owawenza lokho kwahlukanisa umoya, "into engcolile."

Wathi, "Ukhuluma izwi eliphambene naMi, Ngizokuxolela. Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza, ukuzokwenza into efanayo; futhi ukhuluma izwi linye eliphambene naYe, ungeke uxolelwe ngalo."

230 Ngakho niyabo lapho esikhona namuhla, uma kwenzeke namhlanje. "Izwi linye eliphambene naYe, lingeke lixolelwe, noma kulomhlaba noma emhlabeni ozayo." Ngakho niyabo lokho lesisizukulwane esikwenzile. Manje kucabangeni. Cabangisisani. Kalani lawamaZwi anesizotha.

231 Manje, amaJuda athi, "LeNdoda yenza lezizinto ngoBelzebule. Ungudeveli, umbhuli." Siyazi ukuthi ukubhula kungudeveli. Ngakho wathi, "Lendoda ingumbhuli."

232 Ngakho Wabaxolela ngokuMbiza ngombhuli. Kodwa emva kokuba Esefile noMoya oNgcwele wabuya, lapho-ke kwase kwehlukile. Niyabo? Futhi lokho, lokho kusesizukulwaneni sabeZizwe. Manje qaphelani.

Manje, a—amaJuda ayesekubonile vele, akugxeka.

233 AmaSamariya akwemukela, futhi wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi." Uzokwenzani ngakho, mSamariya na? "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi ukuthi uma uMesiya efika, Uzositshela lezizinto." Niyabo, babemazi uMesiya, ukuthi Uyoba Ngubani. Wathi, "Siyazi ukuthi uMesiya, obizwa ngokuthi nguKristu, uma Efika Uyositshela lezizinto. Kodwa Wena Ungubani na? Ngabe Ungumprofethi waKhe na?"

Wathi, "NginguYe. NginguYe."

234 Futhi phezu kwalokhu! Manje lalelani. Phezu kwalokhu, washiya imbiza yakhe yamanzi futhi wagijimela emzini, futhi weza wathi endodeni esesizitaladini, egijima edabula emzini, wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile! Ngabe akusuye yini yena impela uMesiya na?" Futhi iBhayibheli lathi wonke umuzi wakholelwa kuYe ngoba owesifazane wayesho lokhu, ukuthi Wabatshela, ngoba WayenguMesiya.

235 Manje, uma ngabe leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, kuzoba isibonakaliso esifanayo nanamuhla. Ngabe kunjalo na? Bangaki abazovumelana nalokho na? Impela, yebo, kuyafana. Kulungile.

236 Manje, kuyoba yinoma yiyiphi enye indoda eyehlukile na? Qhabo. Wathanda, Wakhala, Walila, Walala, Waya ehlane,

waya kodoba, wenza njengawowonke omunye umuntu. Wayengumuntu nje, niyabo, kodwa nokho WayenguMesiya ogcotshiwe.

237 Manje, manje siyakhumbula ngale eBhayibhelini, lokho kusitshela emuva le, lapho besiya emiBhalweni eminingi futhi sifakazisa ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi kuzobakhona "Usuku olungeke lube ubusuku noma imini," nje usuku oluhwaqabele, izinhlangano nebandla, futhi kwenele ukuba kusindiswe, "kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." Bangaki abake bafunda lokho eBhayibhelini na? Impela. Niyabo?

238 Manje, ngamanye amazwi, ilanga liphuma eMpumalanga futhi lishone eNtshonalanga. Ilanga elifanayo liphuma eMpumalanga, lishone eNtshonalanga. Awu, uma iNdodana kaNkulunkulu, i N-d-o-d-a-n-a [NgesiNgisi: *S-o-n*—Umhumushi], iphuma eMpumalanga, ebantwini baseMpumalanga. Impucuzeko iyahamba, ihamba nelanga, futhi sisoGwini lwaseNtshonalanga manje. Uma uwela, uya eShayina, futhi ubuyela eMpumalanga futhi. Ngakho-ke iNdodana efananayo ekhanye eMpumalanga manje seyikhanya eNtshonalanga, ngombhaphathizo ofanayo kaMoya oNgcwele, izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, uMesiya ofanayo. Ngabe kunjalo na? "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa, indlela eya eNkazimulweni impela uyoyithola." Kunjalo.

239 Sisesikhathini sakusihlwa, ukuKhanya kwakusihlwa. Ilanga liyashona. UMesiya uphakathi kwethu. INdodana kaNkulunkulu, esimeni sikaMoya oNgcwele, iphakathi kwethu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi lokhu enginitshela khona kuliQiniso na? ["Amen."] Niyayikholwa indaba yaleyoNgelosi yayizolo ekuseni, kuthangi ekuseni na? ["Amen."] Niyayikholwa na? ["Amen."] Ngakho-ke makuthi uNkulunkulu waseZulwini, makuthi uNkulunkulu owabonakala kimi ngesimo salolothingo lwenkosazana, maKakhulume. Futhi makuthi umzimba wami unikelwe kuYe, umphefumulo wami, umoya, nengqondo, kunikelwe enkazimulweni yaKhe. Ngenkathi ngangisafuna leyongwejeje yokugcina, futhi ngazi ukuthi izoba eyokugcina, kwakusele ngqo imizuzu emithathu kushaye ihora leshumi nqo, futhi ngangishilo ukuthi kuyoba ngasehoreni leshumi.

Niyazi, Wathi, "Yisho okuthandayo. Kuzoba ngaleyondlela." Akakaze akwehlulekise kuze kube yimanje, noma ngabe yini. "Yisho okuthandayo nje."

Kodwa okwehlandla lesishiyagalombili kwake kwenziwa, kwakukulowo wesifazane omncane. Uhlezi emuva lapho manje, ngiyacabanga. Ngibona uMfowethu Wright ohlezi

lapha. UHattie Wright, ngenkathi ecelele abakhe ababili abantw-. . . Nanguya lapho, khona lapho manje. Ngokuba insindiso yabantwana bakhe ababili, (kwakungesikho na?), wayephambene nakho ngokuqinile. Ngathi, "Ngikunikeza abantwana bakho, eGameni likaJesu Kristu." Bawela emathangeni akhe.

240 UEd Daulton, umBaptisti ohlezi lapha, ovela ezansi eKentucky, ohlezi khona lapha nje. Bangaki abantwana onabo, Ed na? Abantwana abayishumi nambili. Beme khona lapha, wacelela abantwana bakhe. Ngaphumela ngaphandle kwesakhiwo. UEd uza kimi futhi; ngathi, "Ed."

UMoya oNgcwele wawukimi, wathi, "Mnikeze. Mnike."

241 Ngathi, "Ngikunika abantwana bakho." Wonke ngamunye wabo, basindisiwe futhi babhaphathiziwe. Nayo intsha yakhe ihlezi ekhaya, ilindile, ikhala, wasindiswa kusukela ekukhuleni kwakhe enhla lapha. Lomfowethu ongumBaptisti ovela ezansi e. . . O, o, Muhle kanjani uma Esekhuluma!

242 NgiyaMcela manje, ngenkazimulo yaKhe, ukuba Azibonakalise, ukuthi UnguKristu, ukuthi ngikhuluma iQiniso.

243 Manje, ukuthi o—ongakholwa angahle angakwazi ukuphunyuka. Ngifuna abantu abalapha ngaphakathi, abagulayo nabadingayo, abanesidingo sikaNkulunkulu, engingabazi, izihambi ngaphakathi emasangweni ethu, abantu engingabazi, olapha, futhi unesidingo sikaNkulunkulu, phakamisani izandla zenu. Abantu yonke indawo. Lokho, kulungile, cishe nje ngokuvamile yonke indawo, ngiyacabanga. Abantu engingabazi. Uma ngibiza umuntu owaziyo, ukuthi lowo ngiyamazi futhi nawe uyangazi, futhi—futhi sejwayelene omunye nomunye, ungasho lutho, wena nje vele uthule du. Uma EyiNdodana kaNkulunkulu, okungukuthi Uyiyo, noMlayezo wami uqinisile, naleyoNgelosi . . .

244 Ngenkathi sekusele imizuzu emithathu ukuba kushaye ihora leshumi, ngathi, "O Nkulunkulu, Obonakale kimi esikhashaneni esedlule kulolothinga lwenkosazana, yimizuzu emithathu. Angiboni ngwejeje. Yimizuzu emithathu, kuzomele Ungilethele eyodwa." NoNkulunkulu enguMahluleli wami, ngikusho ngokufunga isandla sami siphezu kweBhayibheli. Ungakholelwa ekufungeni, iBhayibheli alikusho lokho; Lithi ungakwenzi lokho. Kodwa uNkulunkulu unguMahluleli wami, ingwejeje yagijimela ezansi esihlahleni futhi yahlala nje ncamashi ngqo. Akakaze akwehlulekise; Akakaze akwenze. Abaningi babo bakhona lapha ukuzokwazi lezozinto. Ngiyazi ukuthi Yena, lowoNkulunkulu ofanayo, ulapha.

245 Kunamakhadi omkhuleko anikeziwe. Angiwafuni. Sizobavumela bakhulekelwe ngemizuzu embalwa nje, bazonyukela emgqeni. Angifuni abantu o—olapha, noma ngabe yini.

246 Ngifuna izihambi. Ngifuna abantu abangangazi. Ngifuna ningene emqondweni wenu, ngifuna nihambe nicabanga futhi nikhuleka, futhi nithi, “Nkulunkulu, leyondoda ayingazi.”

247 Futhi ngolunye usuku owesifazane omncane wacindezela esixukwini. Wayenenkathazo yomopho. Futhi wathi . . .

248 Uma bonke ababo babethi, “Nakhu lapha Ekhona! Mbukeni! Nanguya lowomGalile,” nokunye nokunye. Bonke labo rabi nokunye nokunye beme lapho, bathi, “Rabi, sifuna isibonakaliso esivela kuWe,” nokunye nokunye kanjalo.

249 Lona owesifazane omncane wathi, “NgiyaMkholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa uma ngingakwazi ukuthinta nje kuphela umphetho wengubo yaKhe, ngizophiliswa.” Bangaki abazi lokho na? WaMthinta.

250 Hhayi ukuthi Wayezwa; kodwa Wama waguquka waqalaza, wathi, “Ngubani oNgithintile na? Kukhona oNgithintile.” Wonke umuntu wathula ngempela. Wathi, “Kukhona oNgithintile.” Wathi, “Ngubani oNgithintile na?”

251 Futhi Waqalaza waze Wamthola owesifazane omncane. Wayengeke akwazi ukuzifihla. Akakwazanga ukukuthola. Wamthola futhi wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Washo, wamtshela, inkathazo yakhe yomopho ukuthi isisindisiwe ngo- . . . yama ngqi, ngenxa yokuthi wakholwa, futhi ukukholwa kwakhe kwathinta ingubo yaKhe. Niyakukholwa lokho na? Kulungile.

252 Manje, ngabe UngumPristi oMkhulu namuhla ohlezi esandleni sokunene sikaNkulunkulu, enxusela ekuvumeni kwethu na? Ngabe iBhayibheli liyasho yini ukuthi UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe kunjalo na? Kulungile, uma ugula, qala ukhuleke, uthi, “Nkosi Nkulunkulu, ngisanda kuzwa uMlayezo. A—angiyazi lendoda. Ngi—ngilapha etabernakele. Angizi lapha, leli akusilo ibandla lami lasekhaya. Ngivela ndawondawo. Ngivela ngaphandle kwedolobha, ngivela ndawondawo. Angiyazi indoda. Kodwa ikwenza, ibukeka ikwenza kube yikho ngempela ukuthi nguWe, futhi ushilo ukuthi Ubonakale kuyo, ukuthi uMlayezo wayo bewuqinisile, nokuthi Uzenza kanjani lezozinto. Manje, angiyazi indoda, kodwa ngazi Wena. Ngakho uma izinikele kuWe, naWe usebenzisa umzimba wayo ukukhuluma amaZwi aKho uQobo ngayo, ivumele ikhulume kimi. Ngivumele ngithinte ingubo yaKho, Nkosi.” Futhi ubone ukuthi Uzokwenza noma qhabo! Ubone uma EnguNkulunkulu.

253 Uma esalokhu EnguNkulunkulu, Angazisebenzisa izindebe zami ukukhuluma amazwi afana nalawo Abeyowakhuluma, ngoba Akanazindebe kodwa ezami nezakho. Akanamehlo kodwa awethu. Ngakho Uvele ehlele phansi futhi asebenze eBandleni laKhe ngemizimba yethu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uyasebenza, Yena uqobo!

Yilokho Akusho. "Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakweza efanayo." Ngabe kunjalo na? ["Amen."] "Imisebenzi efanayo, nizoyenza." Leyo kwakuyimisebenzi Ayenza, ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya. Manje, uma EnguMesiya, futhi unguYe, ngakho-ke, lokho kuliqiniso, ngakho-ke Wenza imisebenzi efanayo njengamanje, ngeBandla laKhe, Ayenza ngalesosikhathi. Lokho kufakazela ukuthi kuqinisile, kungakhathaleki ngawo onke amahlelo enu. O, haleluya!

254 Omdadlana uMfowethu Kidd noDadewethu Kidd ohlezi lapha, bobabili, futhi baneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, eshumayela ngingakazalwa. Futhi wayelele lapho ngokunye ukusa, efa, enomdlavuza, cishe eminyakeni emibili eyedlulile, besika endlaleni yakhe; phezulu lapho e-Ohio. Babengabangani bami abathandeka kakhulu. UDadewethu Kidd wangibiza, wathi, "Billy, kuncono usheshise. Uyafa nje, uyafa nje manje." Futhi uBilly nami sacishe salishisa lelosekeni lemoto yami endala, senyukela lapho.

255 Ngenkathi ngifika lapho ekamelweni, masinyane nje ngenkathi ngifika lapho, uMoya oNgcwele wakhuluma, "ISHO KANJE INKOSI."

256 Nango emile, ufakazi wenkazimulo kaNkulunkulu, waze wenza ngisho udokotela wakhe wadabuka wonke. Ukuthi nje, UnguNkulunkulu! Ngangingakwenza lokho na? Qhabo, mnumzane! Amazwi ami awekho ngaphezu kwawanoma yimuphi umuntu. Kodwa lowo kwakungu ISHO KANJE INKOSI! Amen.

257 Eminyakeni eyedlule, ezansi ezintabeni zaseKentucky, iBandla elidadlana likaNkulunkulu, noma abanye babo, bepakisha futhi behla emaceleni egquma, bebhula ummbila ngezincezu zezinto, nomama Kidd omdala, ukondla isixuku sabantwana; behlanzela ebhavini, ukuthumela umyeni wakhe ngaphandle ensimini.

258 Futhi nampa basemashumini ayisishiyagalombili, behlezi phezulu lapha namuhla, bejabulela iVangeli likaJesu Kristu, beshayela amakhulu nokuthile kwamamayela ngeSonto ekuseni, lonke iSonto ngishumayela ezansi lapha, uma bengezwa ngakho. Impela, sibathumelela izimemo, bafuna ukuza. Busisa izinhliziyo zabo ezincane ezindala. Kunjalo. Ngifuna wonke umuntu olapha abaxhawule kulokhu ukusa, uma bengakwazi, babusiseni.

Manje khulekani.

259 O, ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi UnguNkulunkulu. Umuzwa onje pho! Wena uthi, "Ubambezelelani, Mfowethu Branham na?" Ngimele Yena. Yi. . .Bengishumayela. Lolu ngolunye ugcobo.

260 Futhi uma Ezokuza futhi akwenze, bangaki phakathi laphake, ogulayo, abazomemukela Yena njengoMphilisi wabo na? Phakamisa izandla zakho nje, bonke abantu abagulayo, uma Ezo—uma Ezokwenza. Phakamisani izandla zenu, wonk'umuntu ogulayo, ongabona ukuthi uMesiya, uKristu, uphakathi kwabantu, ekhuluma.

261 Khulekani. Kholwani. Ngizozinikela ku*lolu*hlangothi lwendlu. Nginabaningi abakhulekayo. Ngiyalubona ugcobo.

262 Bukani. Bangaki ozwe lokho, leyoNsika yoMlilo lapho, leyosayensi ebilenga eWashington, DC na? Niyayazi. Nasi isithombe saYo, khona lapha, iNsika yoMlilo efanayo eyahola uMose. Ngenkathi ngisho nesayense yathi, "Ngolunye usuku iyoba semashalofini ezitolo zosheleni. Yiso kuphela iSidalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa."

263 LeyoNgelosi efanayo ikhona lapha epulpiti njengamanje. Yifune. Nginiphonsela inselelo ukuba niyikholwe. Nina bangaphandle, kholwani.

264 Manje ngifanele nje ngiyibhekisise lapho ngiyibona Iya ngakhona. Hloniphani ngokuzithoba, wonk'umuntu, eBukhoneni baYo, lesoSimanga.

265 Ngibona indoda. Nansi lapha ikhona. Ihlezi ngalwesokunxele sami, ngemuva ngqo *lapha* ekhoneni. Ihlushwa isifo samankanka nenkathazo yesisu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ingaba yisihambi kimi. Lowo nguMnu. Wells. Lelo igama lakho, Mnu. Wells. Awusuye owalapha. Ungowasendaweni ebizwa ngokuthi yiAurora, eIllinois. Lelo yiqiniso. Ngabe iqiniso na? Ngiyisihambi kuwe. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho. Sukuma ume ngezinyawo zakho. UJesu Kristu uyakusindisa.

Uyakholwa manje na? "Uma ungakholwa nje."

266 Manje, lapho, lowomfokazi, angikaze ngimbone empilweni yami, futhi uyisihambi ngokuphelele phakathi kwethu. Uvela kwelinye izwe. Futhi uMoya oNgcwele, manje, noma ngabe yini Ayishilo kuye, angeke ngazi ngize ngithole leyoteyipu ngale. Ugcobo oluza phezu kwakho. Kodwa indoda iyazi.

267 Lokho otshelwe khona kuyiqiniso. Ngabe kunjalo, mnumzane na? Ya. Sixakile. Nakho, akabe ngufakazi kuye.

Ubani owenze lokho na? UMesiya, uKristu.

268 Nanti inenekazi elihlezi emuva ngqo ngaphandle lapha, phakathi kwabantu, khona *lapha*. Niyakubona lokho kuKhanya phezu kwalo na? Lihlushwa yinkathazo yesikhumba. Nkk. Pitman, uvela eOwensboro. Uma ngabe uyisihambi, vayizelisa isandla sakho. Ngabe lezozinto ziliqiniso na? Vayizelisa isandla sakho. UNkulunkulu ukuphilisile. Angikaze ngimbone owesifazane, nokho, embonweni kuphela.

269 Ukuze nikwazi, ngale kwakho kunowesifazane ogama lakhe kunguEllis, Nkk. Ellis, owesifazane omncane. Unenkathazo yabesifazane. Uyisihambi naye. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Ngumama wakho lona ohlezi eceleni kwakho lapho na? Yinenekazi elihlezi lapho, lihlushwa ukwesaba, ingxubevange yokwesaba phezu kwalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Kulungile. Ukwesaba sekuhambile. Ungaya ekhaya, usinde. Ngikuphonsela inselelo ukuba ukholwe.

270 Emuva le ngemuva, ekhoneni, emuva le, indoda evela eMinnesota, enenkathazo yomgogodla. Igama lakho nguMnu. Carson. Sukuma ume ngezinyawo zakho. Inkathazo yomgogodla wakho isihambile. UJesu Kristu uyakusindisa.

271 Khona ngqo ngemuva *lapha,* inenekazi eligulayo. Livela ngaphandle kwedolobha. Livela endaweni ebizwa ngokuthi yiBlue Island. Linenkathazo yenhliziyo. Lapho kuseduze neChicago. Nkk. Braiden, sukuma, mukela ukuphiliswa kwakho. Hamb'ekhaya futhi usinde, eGameni likaJesu Kristu.

272 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nithini ngaku*lolu*hlangothi na? Niyazi ukuthi lowo nguMesiya na? Engazi kanjani umuntu na?

273 Bonke lababantu ababiziwe, kuze kube manje, futhi bayazi ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisani izandla zenu, nonke nina bantu ababiziwe, yonke indawo. Niyabo lapho na?

274 Kunomuntu emva kwami, ekhuleka, emuva, ngale ekamelweni. Ngumfo omncane, unekhanda elimhloshana, ukhulekela umzala ophandle eKansas, onomdlavuza. Woza ngaphambili emnyango. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa na?

275 Elmer, lokho bekungukuxhumana nawe. Ngibona ubaba wakho ehlezi lapho, umkakhe. Umfutho wegazi ophakeme. Uma ukholwa, uNkulunkulu uzokuphilisa. Angazi. Kunjalo. Akunjalo na? Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

276 Niyakholwa na? Niyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguMesiya na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? ["Amen."] Khumbulani, uma omunye owesifazane athinta ingubo kaJesu, Waba buthakathaka. Amandla, amandla okuqina, aphuma kuYe. Sengicishe ngiphele manje. Niyakholwa na? ["Amen."]

Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana.

277 O Jesu, Mesiya kaNkulunkulu, Wena ohlala useduzane. Abantu bayazi ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Ukhona lapha manje. Izibonakaliso zaKho ezinkulu nezimangaliso kuyafakazeleka. Babusise, Baba. Babusise, ngiyakhuleka. Abavele khona manje bakholwe, ngenhliziyo yabo yonke, ukuthi Wena, uMesiya, nguYe ome lapha. Akekho

ongenza lokho. Lokho kungeke kwenzeke ngokobuntu, Nkosi. Isimangaliso, ukubona amandla kaMesiya eza endaweni encane, indawo ethobeke njengalena, ngoba lokho Wakwethembisa, Nkosi. Ngoba, umusa waKho ulapha ukuzosenzela umusa. Ngoba lokho yisethembiso saKho ukusenza, Usenzile. Siyabona ukuthi Awubashiyi abantu baKho.

278 Manje, Baba, Nkulunkulu, makuthi labo abanamakhadi okukhulekelwa, abeza emgqeni wokukhulekelwa, kwangathi bangaba nokukholwa ukuba bakholwe. O Nkulunkulu uSomandla, ngenkathi izandla zibekwa kubo, mabangene lapha, bethokoza, bememeza, bedumisa uNkulunkulu, ukuthi baphilisiwe. Siphe khona, Nkosi.

279 Futhi yenza labo abasindisiwe, bazi ukuthi akunazimfihlo kuNkulunkulu. UNkulunkulu wembula izimfihlo zenhliziyo; Wazi yonke imicabango esengqondweni yethu. Siphe khona, Baba. Sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

280 Manje, nina eninamakhadi okukhulekelwa, ngaphandle ezethamelini, nina bantu enilapha ngasetabernakele, yonke indawo nga*lapha,* onamakhadi okukhulekelwa, niyakholwa na? Phakamisani izandla zenu. Futhi kholwani ukuthi isidalwa esingumuntu singeke sikwenze lokho. Lokho kumele kuvele kuNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi yisethembiso sikaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wathi Uzokwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Ngakho niyazi ukuthi Umuntu-mumbe ulapha ngaphandle komuntu.

281 Ngithatha leliZwi ngesifungo, phambi kukaNkulunkulu. Ababantu elikhulunywe kubo, noma bekungubani, angibazi, futhi abangazi. Bayizihambi nje ezivele zathi gqi ngaphakathi etabernakele lapha, noma ngabe babekuphi.

282 Ngibona imibono phezu kwabantu lapha abalapha etabernakele, kodwa bayekeleni, ya, nje bayekeleni.

283 Labobantu ababiziwe, noma ngabe ubungubani, ukuze abanye bangabona ukuthi niyizihambi, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Wonke umuntu, bonke izihambi.

284 Into ethize nje ilokhu ingihambisa. Ngibona inenekazi eliyikhaladi elibonakala phambi kwami, sonke isikhathi, unesifo samathambo nomfutho wegazi ophakeme. Yebo. Uyisihambi phakathi kwethu. Uvela eMemphis, Nkk. Sals. Lelo yigama lakho. Okokuqala ulapha. Uyakholelwa eNkosini, ngenhliziyo yakho yonke na? Ngakho-ke ungaya ekhaya futhi usindiswe, uphiliswe. UNkulunkulu umthathela khona.

285 Kholwani ngenhliziyo yenu yonke, wonke umuntu. Phakamisani izandla zenu manje, wonke umuntu. Kholwani ngezinhliziyo zenu zonke. Bekani izandla phezu komunye nomunye.

Woza lapha, Mfowethu Neville. Woza lapha, siphe umkhuleko.

286 Sisenemakhanda ethu ekhotheme, Mfowethu Neville uzokhuleka.

*UMlayezo WoMusa* ZUL61-0827
(The Message Of Grace)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Agasti 27, ngo 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

